# INKOSI ELAHLIWEYO

...okwenkazimulo yeNkosi ukuba ilethwe phezu kwethu namhlanje ngokukhonza iZwi. Futhi kuyi...Ngaleliviki eledlule ngithe nje ukugulagula kancane—kungesikho ngempela ukugulagula; kwaba ngukuhlolwa okwakufanele ngikuthathe, ukuhlolwa komzimba; futhi yilokho enakuzwayo ukuthi ngangisesibhedlela. Kwakuyingoba ngaya lapho ukuze ngingalokhu ngehla ngenyuka ngaphesheya komfula. Uthatha okuphathelene nesisu kwesingenhla nokuphathelene nesisu kwesingezansi futhi bafanele ba...njalo emzuzwini embalwa bafanele babuye bathathe isithombe esibonakalisa ingaphakathi lomzimba futhi.

Kodwa sifanele ukuzithatha (uma senza izinkonzo zangaphesheya kwezilwandle) njalo ezinyangeni eziyisithupha. UMfowethu Roberts nabanye, ngiyacabanga, bathola ezabo njalo ezinyangeni eziyisithupha, kodwa sekuyiminyaka emine ngingenaso.

Okuhluphayo—nje angiwuthandi lowo khasta oyela. Yileyonto kuphela. Futhi bathi akukho okunye abangakunikeza esikhundleni sawo, ngakho ngi...O, ngagula kabi uma benginika leyonto. Niyazi, nginitshelile emlandweni ngempilo yami ukuthi leyonto ingenza ngigule kabi kanjani, futhi—futhi ngiyakuzonda nje ukuthatha leyonto. Futhi ngathi kumngane wami ongudokotela onomusa, "Uma...akukho okunye?"

Wathi, "Angicabangi kanjalo, Mfowethu Branham."

O, nxa lelonenekazi lingena lapho no—kwakubukeka njenge—mhlawumbe nginehaba, kodwa kwakubukeka njengamaphayinti amabili. Kwaku...Angikaze ngiwubone omningi kangako; futhi ngangivele ngibambe ikhala lami ngivimbe umlomo, kodwa ekugcineni ngawugwinya.

Kodwa manje, kukho konke ukuvivinywa nakho konke okwakho, kwedlula, ngifuna ukubonga iNkosi ngokuhlolwa okuphelele. Futhi ngaphasa, ngekhulu lamaphesente; ngingaya noma yikuphi emhlabeni engifuna ukuya khona. Ngabuza odokotela, ababengabathathu bodokotela abaqondene nesifo esisodwa ababedlula bonke, ngiqagele, eLouisville, futhi ngababuza, ngathi, "Okungenani ngigogeke ngamaphesente ayishumi?"

Wathi, "Awugogekile nelilodwa ichashaza." Wathi, "Uphila saka ngayoyonke indlela." Futhi ngiyambonga kakhulu uNkulunkulu. Bekungavela kubani omunye ngaphandle kukaBaba wethu waseZulwini, niyabo, ukuba ngaleyondlela. Futhi wathi, "Okwakho...Konke ukuchichima kwakho kukhombisa phakathi ukuthi uzoba musha." Wathi,

"Amangqamuzana akho egazi awakaqali ngisho ukuvithizeka noma yini." Wathi, "Usesimweni esihle kabi, Mfowethu Branham."

Futhi ngathi, "Kuhle, ngijabula kakhulu."

Futhi ngibe nenhlanhla yokukhuluma, ngifakaza kuwo wonke umhlengikazi kulesosibhedlela nakuwo wonke udokotela eMbusweni kaNkulunkulu. Futhi omunye udokotela othize—ngicabanga ukuthi ufanele ukuba lapha kulokhukusa. Futhi ngi—ngi—ngizo . . . Ngiyajabula ukwazi ukuthi usekhona umuntu olungileyo kulomhlaba—umuntu ngempela. Umuntu ongangithatha izinsuku ezinhlanu ngokuhlola umzimba, mhlawumbe obekungagijima emadoleni angamakhulu amabili kumbe amathathu ngalokho nalokho; lapho sengiqedile, bathi, "Kungumnikelo wethu emsebenzini weNkosi owenzayo." Akwangabi ngisho . . . Bathi, "Ngani, uyasiphoxa ngisho ukusibuza ukuthi uyasikweleta." Bathi, "Imikhuleko yakho nje engeyethu."

"Futhi ngaphakathi," bathi, "sithola okuthile okushesha ukuzwela esingakuqondi." Futhi bathi, "Akubonakali kuyi . . . " Wathi, "Ngaphandle, awunalo uvalo kumbe ukuthikamezeka, kodwa" wathi "ngaphakathi, kukhona ukushesha ukuzwela esingakuqondi."

Ngathi, "Uma ningake nihlale nje lapha nje isikhashana, ngizonitshela." Futhi ngaqala ukukhuluma ngemibono. Kwakungenye indima kubo. Babengazi lutho ngawo. Ngabatshela ngeBhayibheli. Ngase-ke ngibatshela ngombono iNkosi eyayisanda kunginika wona ngelinye ilanga, futhi bakhalisa okwezingane—bavele bahlala lapho nje bakhala. Futhi ngi . . . ba . . . .

Ngathi, "Ngethemba ukuthi aningithathisi okongahlahlile ekhanda wenkolo kumbe okunye . . . "

Wathi, "Lutho, Mfowethu Branham. Ngiyakukholwa lokho ngenhliziyo yami yonke." Wathi, "Kodwa yinye nje into engifuna ukuyisho, awuyi esikoleni ukuyofunda lezozinto;" wathi, "Ngikholwa ukuthi zivela kuNkulunkulu uSomandla." Futhi kwakungezintathu zezinyanga eziqhamile eLouisville, ezizedlula zonke ababenazo. Futhi ngakho, ngajabula kakhulu ngalokho nokwazi ukuthi mhlawumbe iNkosi ingivumele ukutshala enye imbewu lapho.

Umhlengikazi ngamunye, wakhuluma nabo. Ba . . . Ngokunye ukusa, ngenkathi ngiphuma egumbini lokuthatha isithombe esibonakalisa ingaphakathi lomzimba, ngathi ko . . . Ngabuka isalukazi esizihluphekelayo; sasigula kabi. Futhi ngaqhubeka nokugudlukela ngezansi, ngigudlukela ngezansi, ngaze ngafika kuso. Ngacabanga ukuthi hleze sesiyafa, ngase ngithi, "Ngifuna ukukubuza umbuzo, dadewethu."

Sathi, "Yebo, mnumzane?"

Ngathi, "UngumKristu?"

Sase sithi, "Ngingowesonto elithize."

Ngase ngithi, "Ngifuna nje ukuthi ukukucacisa lokho." Ngathi, "Ngi—ngifuna ukwazi uma ungumKristu, ngempela umKristu. Ukuthi uma ungahle wedlule lolulwandle lokuphila ungene kwelinye izwe, uyaMthanda?" Ngathi, "Ungasindiswa ngempela?"

Wayesethi, "Yebo, mnumzane, ngingasindiswa."

Ngase ngithi, "UNkulunkulu abusise inhliziyo yakho-ke. Akunendaba ukuthi umoya uphephetha ngaphi, ukahle-ke. Inqobo nje uma kuhamba kanjalo." Futhi uma nje sithi ukuzungeza, baningi kakhulu abantu abahle namanje abasasele emhlabeni.

Manje, namhlanje ngingene nombono engizonitshela wona emva kwesikhashana, futhi ngithanda ukukhuluma kuqala phezu kwelinye iZwi ngoba ngikholwa ukuthi iZwi liyafuneka—lifuneka kakhulu manje.

Futhi ngiyajabula ukubona uCharlie Cox noMfowethu—abangane bami bemi lapho ndawonye—uMfowethu . . . Angisakhumbuli . . . Jefferies (angisalikhumbuli igama lakhe), abaningi benu babanye abazalwane abathandekayo kakhulu abavela eGeorgia, abavela ezingxenyeni ezehlukene zezwe—ubhuti wami omdala, uBill, ohlezi lapha (ngikholwa ukuthi kunjalo) namuhla ekuseni, na—nabaningi . . . umfowethu ovela eGeorgia lapho, abantu abanginika lesudu. Niyazi, leyo—leyo ngenye yamasudu ewedlula onke esengake ngawagqoka. Izwakala kahle kakhulu. Yinhle ngempela futhi . . . Niwusizo olukhulu kimi. Nxa nginitshela ukuthi kwenzekeni kimi kulezizinsuku ezimbalwa ezedlule, nizobona ukuthi kungani ngicabanga ukuthi kulusizo olukhulu kimi.

Manje, ngikholwa ukuthi uma iNkosi ivuma, ngifuna ukuphikelela empini kanzima kunangaphambili empilweni yami, ngoba ngiyathola manje njengoba—kusobala, bengingafa namhlanje. Lokho kungukuthi . . . awazi. Imishini kagesi ecubungula ukunyakaza kwenhliziyo nakho konke, izinhlobo eziyishumi nesithupha ezehlukene zemishini yokuthatha isithombe esibonakalisa ingaphakathi lomzimba—okuphelele komzimba kwabonakalisa ukuthi ngiphelele njenganoma yimuphi umuntu obengaba—yisidalwa esingumuntu emhlabeni. Ngakho ngiyabonga ngalokho. Kodwa zonke izinto, ngisho nakho konke okwalokho, futhi ngibonga impela futhi ngiyathokoza kuNkulunkulu ukuthi ngiyilokho ngikholwa ukuthi Usalokhu engigcina enkonzweni yaKhe, bekungesikho Angikhombise khona kancanyana nje ngaphambi kwalokho, niyabo. Kuvele kwangenza ngajabula kakhulu.

Manje, ngicabanga ukuthi kulobubusuku . . . Kulungile kuwe? [UMfowethu Neville uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.]

U—umfowethu othandeka kakhulu u—uyindoda engazicabangeli yona yodwa, ngu—nguMfowethu Neville. Futhi noma yimuphi wenu owayelapha ngeSonto eledlule futhi wawuzwa lowomlayezo omangalisayo awethulayo, *UPhiso lwamaFutha*—kwakungomunye wemilayezo eqhamile esengake ngayizwa, kwakuyilokho uMfowethu Neville akwethula ngoMoya oNgcwele ngeSonto eledlule kulomhlambi omncane wezimvu uNkulunkulu awubuthele ndawonye. Futhi uma kulunga, kuthokozisa eNkosini, noMfowethu Neville nebandla, ngifuna ukukhuluma futhi kulobubusuku, futhi ngiqale eziningi ezilandelanayo engithi ngoMsombuluko ebusuku, ngiqonde ngeSonto ebusuku, nangolwesiThathu ebusuku nangeSonto elizayo—eziningi ezilandelanayo zalokho engikufundisisile . . .

Ngangingadinge kuhlala ngapho esibhedlela kodwa babemnene kakhulu kimi. Banginika igumbi elithi alibe yintengo yokukodwa kokuthathu, futhi ngakho ngavele ngathatha amaBhayibheli ami, izincwadi zami, ngase ngisonga umbhede, ngase ngibeka konke “o’ kokucamela” phezulu lapho ngaqoqa onke amaBhayibheli ami nezinto zithe chithi-saka, futhi ngempela nganginesikhathi—baze bangenisa lowokhasta oyela. Isikhathi sami esimnandi sanqamuka khona lapho; nga—ngase ngiphelile ngaleyonkathi. Kodwa, Mfowethu Pat, ngangigula ngempela. Leyonto, ngeke nje ngayimela. Futhi, kodwa nganginesikhathi esimnandi phezulu izinsuku zokuqala ezintathu kumbe ezine.

Nganginesikhathi esimnandi, futhi ngangifundisisa iNcwadi yabase Efesu. O, lokho kubekwa ndawonye kweBandla, futhi ngicabanga ukuthi kuyinto enhle. Futhi—futhi uma wena . . .

Manje, uma unebandla ohamba kulo, qhubeka nje uye kulo futhi ume endaweni yakho yokugada, kodwa uma ungenalo ibandla, futhi uthanda ukubuya kulobubusuku, nangolwesiThathu ebusuku, nangeSonto ebusuku, ngithanda ukuthatha kulobubusuku, kwe 1, iNcwadi yabase Efesu, nangolwesiThathu ebusuku isahluko 2 sabase Efesu, nangeSonto elizayo, isahluko 3 sabase Efesu ukubeka ibandla ngokuhlelekile. Niyazi ukuthi ngichaza ukuthini, ngukubekwa kwalo, ngokwendawo eyiyonayona, futhi ngicabanga ukuthi kungukukhula ebandleni.

Angisuye . . . Ngi—ngikhuluma lokhu nje kwabezayo beTabernakele likaBranham. Futhi uma noma yimuphi omunye wenu bazalwane abathandekayo . . . Ngiyazi abanye benu, ngiyacabanga, unemihlangano. Abafowethu abancane enhla eSellersburg na—nabanye abehlukene, banemihlangano. Manje bukani, yileyomihlangano yemvuselelo. Yibani khona kuleyo. Bayizinceku zikaKristu—izinsizwa ezimi esikhaleni eziphumayo. Lapho ngisho ibandla labo uqobo laphika iQiniso nezinto ezifana nalokho, zavele zahamba zalishiya, noNkulunkulu wazibizela enkonzweni.

Yebo, mnumzane, ngi—ngiyayazisa indoda... angisalikhumbuli ngisho igama lendoda. Kodwa ingumfo osemncane; ilungile, umfo obukeka enogazi nonkosikazi othandekayo nabantwana.

No—noMfowethu Junie Jackson ubeneminye imihlangano ezansi lapha, okungomunye omangalisayo, ophawulekayo umklomelo womusa omangalisayo kaNkulunkulu.

Futhi uma benezimvuselelo emabandleni enu, hambani niqonde kuzo ngoba leyo ngeyenu—leyo yinto efanele ukwenziwa ngoba anazi—kungahle kubenesoni esiya e altare, futhi ungahle uthonyeke ukuba umhole lowomuntu ayekuKristu, okuyoba ngumvuzo wakho omkhulu ngaphesheya kwelinye icala. Lokhu nje ngukufundisa nokubeka ibandla ngokuhlelekile lapha etabernakele, sisizana njengoba sihamba.

Manje, angizange ngiliphathe iwashi lami, ngakho omunye uzodingeka angiqaphelele. UDoc usevele wangikhombisa ukuthi unalo, ngakho...mfowethu [UMfowethu Branham unengxoxo nomfowabo, uEdgar "Doc" Branham—Umhl.]

Manje, angizukukhuluma isikhathi eside kakhulu. Manje, uma kukhona izihambi emasangweni ethu, impela sifuna ukunamukela ngezinhliziyo zethu zonke. Namukeleke kakhulu lapha kulelitabernakele elincane. Asinayo indlu enkulu. Kusohlelweni manje ukuba sizakhele, hhayi indawo enkulu, kodwa nje i...Lena nje isingamafukufuku, futhi sizozama ukuzakhela enhle indlu yokukhonzela encane ethokomele lapha masinya nje uma si...iNkosi izosivumela siyenze. Futhi iningi lenu nonke nenza imizamo emaqondana nalokhu, futhi impela siyakuthakasela lokho.

Manje, ngifuna niphenye kanye nami, namhlanje ekuseni, ekufundeni ku I Samuweli isahluko 8 futhi siqale cishe e—asiqale cishe evesini 19, amavesi 19 ne 20, mhlawumbe, okwetekisi elincane okwengqikithi yendaba. Futhi manje nisayithola, futhi ngaphambi...Thina, ini...Sizoyifunda, bese-ke sifuna ukuya emkhulekweni; futhi uma zikhona izicelo namhlanje ekuseni, futhi uthi, "Ngikhumbule nje"?

Kwawethu edlule—emavikini amabili edlule, kumbe amathathu, ngenkathi nginomhlangano...Ake ngithi, konje, ngenkathi nisaphenya, imihlangano uqala eChautauqua ziyisithupha manje. Sibheke isikhathi esikhulu—eMiddletown, eOhio. Nina eninamaholide enu ezayo, wozani—nibe nekamu elikhulu khona phezu komfula lapho...yonke i—yonke intshumayelo esenake nayizwa. Bonke baphansi phezulu nomfula—abashumayeli njalo ekuseni, imini yonke nobusuku. Ngakho bonke babuthene ndawonye. Izindawo ezinkulu zenkambu, zinkulu kakhulu ukwedlula iSilver Hills—izikhathi eziningi—bese kuba yindawo enkulu lapho lapho esingabeka abantu abaphakathi kwezinkulungwane eziyisishiyagalombili

neziyishumi, futhi kuhlala kugcwele. Sinezikhathi ezinkulu eOhio.

Futhi omdala uMfowethu Kidd, engahamba ngayomkhulekela ngokunye ukusa—nonke niyakhumbula nginitshela emavikini amathathu edlule; udokotela wayesethe uzophila amahora angamashumi amabili nane—usevukile futhi uyahamba hamba. Wacaphuna umBhalo; iculo ayengakwazi ukulicula. Futhi ngenkathi ngihamba ngingena futhi ngambuka ngokunye ukusa nalelotshali elincane ezemboze ngalo; (Ngasuka lapha cishe emahoreni amathathu kumbe amane ngaphambi kosuku ukuze ngikwazi ukufinyelela kuye) wathi uzofa ngalolosuku—umdlavuza ekuphelelweni ngamandla.

Futhi umkakhe osemdadlana othandeka kakhulu wayewashela isihlanu sosheleni ngosuku. Futhi lokho kusuke kungakasi kuze kube semva kwasebusuku esebenzela isihlanu sosheleni ukuba agcine umyeni wakhe esenkundleni njengomshumayeli. Washumayela imvuselelo yamaviki amabili, wathatha umnikelo, futhi wathola osheleni abayisishiyagalombili. Kodwa ngibabonile behlezi lapho ngokunye ukusa, lezo ezimbili ezincane, izithandani ezindala . . . kumbe izithandani ezincane, njalo, zihlezi lapho, futhi netshali lakhe elincane lisehlombe lakhe; futhi omunye wabaphendulwa nguye, enamashumi ayisishiyagalolunye-nambili eminyaka ubudala futhi nje ekhaliphile futhi ehlakaniphile futhi eyiPentekoste kuya emnyombweni, futhi ehlezi lapho, uyazi.

Ngase ngithi, “Niyazi, ukuthi nina bantu abadala nihlalele ini phandle lapha?”

“Senilinde isikebhe nje ukuba sifike.”

Umsebenzi wabo, konke asebekufezile; inhloso yabo sebeyifezile, futhi sebelungele manje ukuba baye emvuzweni wabo. Futhi ngathi kuMfowethu Chieve, ukuthi . . . kuMfowethu Kidson . . . Kidd, ngalokhokusa, “Uzoba semhlanganweni waseChautauqua.”

Ungibizile izolo, wathi, “Ngi . . . ngizobakhona, Mfowethu Branham.” Kube kuhle impela.

Omningi womhlangano ovela enkonzweni yami entsha uyangena. Umfowethu—umfowethu oyiBaptisti omi lapha—indodakazi yakhe, eseyitshitshi, ibithi ukuphiyaza kancane, futhi ngamtshela, “Ngikunika indodakazi yakho ibe ngeyeNkosi uJesu,” ngokunye ukusa, futhi ngenkathi eya ekhaya yasindiswa, nenye futhi lapha namuhla ekuseni izobhaphathizwa, futhi iqhubekele phambili.

Futhi indoda, uMnu. Sothmann, umngane wami ovela eCanada—umkhwekazi wakhe, esesimweni sokufa, ngathi, “Uzothola umkhwekazi wakho, uma ufika lapho, ephilile, esendleleni yakhe ebheke ekusindeni futhi ekahle.” Kwavele kwaba ngaleyondlela. Futhi nje . . . abantu bengena nje.

Kusebunganeni bakho nje manje, kuyanyakaza. Kodwa o, sibheke okukhulu kakhulu impela, okuningi ngaphezu kwakho konke. Sisebubini nezinsuku zokugcina kodwa ehoreni lenkazimulo.

Manje, ninawo amaBhayibheli enu ukuba kufundwe?—isahluko 8 sikaSamuweli. Futhi ngethembise uGene ukuba ahlale emuva lapho ukuba aqophe, konke okwale . . . besisanda kuqala nje emhlanganweni wethu.

> *Kepha abantu bala ukulalela izwi likaSamuweli; bathi, Hayi; sifuna ukuba kube-khona inkosi phezu kwethu;*
>
> *Ukuze sibe-njenge* isizwe, *zizwe zonke; inkosi yethu isahlulele, iphume phambi kwethu, ilwe izimpi zethu.*
>
> *. . . Samuweli wezwa onke* la*mazwi abantu, wawalanda ezindlebeni zeNkosi.*
>
> *INkosi yathi kuSamuweli, Lalela izwi labo, ubanike inkosi. USamuweli wathi kubantu bakwaIsrayeli, Hambani niye kube-yilowo nalowo emzini wakini.*

Manje, uma ngingazama ukuqoka kulokhu namhlanje ekuseni ebengingakubiza ngetekisi okwemizuzu embalwa elandelayo, ngithanda ukuqoka itekisi elithi *INkosi Elahliweyo*.

Kwakuyisikhathi esithi asibe nje, ezikhathini zonke, ukuthi abantu akaze bafune uNkulunkulu abahole. Bafuna indlela okungeyabo yobuholi. Nalendaba namhlanje ekuseni—futhi uma usuya ekhaya lakho, kungakuhle kuwe ukuyifunda uyiqede yonke. Kwakusesikhathini sezi—zinsuku zikaSamuweli, indoda kaNkulunkulu—umprofethi. Futhi wabe-kade eyindoda eqotho nendoda elungileyo—enokuhlonishwa, enesithunzi, eqinisile, futhi ethembekile kubantu, engalokothi abakhohlise, futhi engabatsheli lutho kepha eqondile, "ISHO KANJE INKOSI."

Kodwa abantu base befike endaweni lapho abase befuna khona ukuluguqula loluhlelo. Base bebukele kumaFilisti nama Amaleki, ama Amori, amaHeti, nezinye izizwe zomhlaba, futhi base bebonile ukuthi babenamakhosi ayebabusa, futhi ebaphethe, futhi ebaqondisa, futhi elwa izimpi zabo, nokunjalo. Futhi lokhu kwabonakala ukuthi uIsrayeli wayefuna ukuzifanisa njengalamakhosi nanjengalababantu.

Kodwa akukaze, nakuyimuphi unyaka, kube yinhloso kaNkulunkulu ngabantu baKhe ukuba baziphathise okwabantu bezwe, noma baphathwe noma balawulwe njengabantu bezwe. Abantu bakaNkulunkulu kuhlala njalo, bekuyilokhu, ku—kungabantu abazuziweyo, abantu abehlukile, ababizelwe-ngaphandle, abahlukanisiweyo, futhi ngakho konke behlukile ekwenzeni kwabo, ezindleleni zabo, enkambisweni yabo yokuphila, kunalokho abantu bezwe onakho. Izifiso zabo

ngezinto nakho konke lokho isimo sabo esiyikho, bekuhlala njalo kuphambene nezinto abantu bezwe abazifisayo.

Nabantu bakwaIsrayeli bafika kuSamuweli base bethi, "Manje usumdala, namadodana akho awahambi ngendlela yakho;" (ngoba ayengaqinisile njengoSamuweli; ayengabathengwa ngemivuzo nabathathi bemali). Base bethi, "Samuweli, abafana bakho abanjengawe, ngakho sifuna wena uphume ukuba usitholele inkosi, futhi uyigcobe, futhi usenze sibe ngabantu abanjengabanye abantu bezwe."

NoSamuweli wazama ukubatshela ukuthi lokho kwakungeke kusebenze. Wathi, "Uma nenza lokho, into yokuqala niyazi, nizothola ukuthi izobiza onke amadodana enu asuke ekhaya lenu iwenze amabutho ukuba agijime phambi kwezinqola zayo aphathe izikhali nemikhonto. Akusikho lokho kuphela, kodwa iyobiza amadodakazi enu ukwenza abapheki-zinkwa futhi iwathathe asuke kini ukuba aphakele impi." Futhi wathi, "Ngaphandle kwakho konke lokho, iyothatha izintela ezithile kini, zokusanhlamvu kwenu, nakho konke okuyinzuzo yenu engenayo. Iyokuthelisa konke okwalokho ukwenza izikweletu ezithile zikahulumeni nokunjalo okuyofanele zikhokhwe." Wathi, "Ngicabanga ukuthi ngakho konke nenza iphutha."

Kodwa ngenkathi abantu bethi, "Kepha sisalokhu sifuna ukufana nabanye abantu."

Kukhona okuthize ngowesilisa nabesifazane ukuthi bayakulangazelela ukufana nomunye. Futhi kubekhona uMuntu oyedwa kuphela oseke waphila emhlabeni owaba yisibonelo sethu, futhi kwaba yiLowo owafela thina sonke, iNkosi noMsindisi wethu, uJesu Kristu. Wayeyisibonelo esiphelele salokho esifanele ukuba yikho—njalo esemsebenzini kaBaba futhi enza lokho okulungile.

Futhi akunandaba ukuthi uSamuweli wazama kangakanani ukubabonisa abantu, njalonjalo babeya kuye ubusuku nemini, "Sifuna inkosi. Sifuna indoda. Sifuna indoda esingathi, 'Nguye lo umholi wethu.'" Futhi lokho akukaze kube yintando kaNkulunkulu. Kwakungakaze kube yintando kaNkulunkulu, kumbe akusoze kwaba yintando kaNkulunkulu ukuba umuntu abuse phezu komunye. UNkulunkulu ubusa phezu komuntu. UNkulunkulu unguMbusi wethu, iNkosi yethu. Futhi impela, impela kuhambisana ncamashi nokwanamhlanje ngoba umuntu ubonakala enalowomqondo ofanayo. Ababonakali bekwazi ukubamba ukuthi uNkulunkulu usambusa umuntu, esikhundleni somuntu ebusa umuntu.

Ngakho, bazikhethela indoda ethiwa uSawulu, owayeyindodana kaKishi. Futhi wayeyindoda enesithunzi, indoda ehloniphekile. Kodwa wabafanela abantu kahle impela ngoba wayemkhulu, emude, umuntu onobude bobuqhawe.

ImiBhalo yathi wayekhanda namahlombe angaphezu kwanoma yiyiphi indoda kwaIsrayeli. Wayebukeka njengenkosi, futhi wayebukeka ebusweni. Wayeyindoda ekhaliphile nengavamile.

Manje, lolo luhlobo lwendoda abantu abathanda ukulukhetha namhlanje. Abantu akabonakali bengabanelisekile ngendlela uNkulunkulu abeke ngayo iBandla laKhe ukuba liphathwe futhi lilawulwe nguMoya oNgcwele. Bafuna othile, indoda ethize, ihlelo elithize, abanye abantu abathize ukuba baphathe ibandla abangakwazi ukuziphonsa ngokuphelele ezandleni zikaNkulunkulu ukuba babengokomoya, ukuba baholwe nguMoya oNgcwele. Bafuna othize ukuba abenzele inkolo yabo, othize ozovele nje abatshele ukuthi yenziwa kanjani nakho konke ngayo. Ngakho lendoda yabonakala iyifanela ngempela indawo, ngoba yayiyindoda ehlakaniphe kakhulu.

Futhi kufana ncamashi njenganamhlanje. Sithanda ukukhetha abantu abanjalo, futhi, ukulawula amabandla ethu, ukulawula iBandla likaNkulunkulu. Akukho lutho engilushoyo oluphambene nakho, kodwa nje ukwenza iphuzu, ukuthi akusiyo, kwakungesiyo, futhi akusoze kwaba yintando kaNkulunkulu ukuba lokho kube njalo. UNkulunkulu nguye ofanele abuse abantu baKhe, ukuba aphathe umuntu ngamunye.

Khona-ke siyathola ukuthi lendodana kaKishi—indoda enkulu, no—nobude bayo, nokwayo . . . Wabonakala efanele abantu ukuthi ingubo yakhe ayigqokile uyobukeka emkhulu nomqhele ekhanda lakhe, kude nangaphezu kwabobonke abantu lapho ehamba, wayeyoba lu—lusizo lwangempela embusweni wakwaIsrayeli. Kwamanye amakhosi ayeyo . . . ezinye izizwe ayeyocabanga, "Akenibheke indoda ngempela!" Ukuthi babekhomba kanjani ngomunwe wabo bese bethi, "Bukani lapha ukuthi *si*nenkosi enkulu kangakanani! Bhekani ukuthi yindoda enkulu kangakanani ephezu kwethu!"

Futhi kuyadabukisa ukusho ukuthi, kodwa kuliqiniso kangakanani namhlanje mayelana nebandla. Bayathanda ukuthi, "Umfundisi wethu akasiyo indoda enengqondo encane; uyindoda enkulu. Uneziqu zaseHartford kumbe esinye isikole esikhulu sesayense yezenkolo. Uneziqu ezine azithola endaweni e*thize-thizeni*, futhi muhle kabi ekuzejwayelaniseni phakathi kwabantu." Konke lokho kungakuhle futhi kubenendawo yakho, kodwa indlela kaNkulunkulu mayelana neBandla laKhe ngukuba liholwe nguMoya oNgcwele nanguMoya waKhe. Kodwa bayathanda ukusho ukuthi, "Sinalelihlelo elikhulu esisonta kulo. Siqale emuva ezinsukwini zokuqala zokuvula indlela ngenkathi siseyingcosana ngesibalo, abantu abambalwa impela nje futhi sibancane. Futhi manje sesikhule kwaze kwaba sendaweni lapho sesiphakathi kwamahlelo amakhulu ukwedlula amanye elikhona. Sinezikole ezizedlula zonke nabefundisi abafunde ukubedlula bonke. Sinezixuku ezigqoka kahle ukuzedlula zonke, nabantu abahlakaniphe kakhulu bedolobha

usonta ehlelweni lakithi. Futhi sinikela ekuphaneni, futhi senza imisebenzi emihle nakho konke okunjalo;" futhi akukho lutho nhlobo—uNkulunkulu akavumi ukuba ngikhulume izwi elilodwa eliphambene nalokho, ngokuba konke lokho kuhle; kodwa noma kunjalo akusiyo intando kaNkulunkulu ukuba umuntu abuse phezu komuntu.

UNkulunkulu wathumela, ngoSuku lwePentekoste, uMoya oNgcwele ukuba abuse ezinhliziyweni zomuntu futhi abuse empilweni yakhe. Kwakungaqondiwe ukuba umuntu abuse phezu komuntu, kodwa siyathanda ukusho lokho.

Kuyinto evelele kakhulu lapho esingasho khona ukuthi singabenhlangano enkulu: "UngumKristu?"—kungakho ngisukele lelitekisi. Ngenkathi ngisesibhedlela, futhi ngangimbuza umuntu, "UngumKristu?" "Ngisonta kweli*thize-thizeni*."

"UngumKristu?"

"Ngisonta kweli*thize-thizeni*." Nomhlengikazi omncane wangena waya eceleni kombhede lapho engangifunda khona iBhayibheli, futhi wayengumhlengikazi omusha endaweni yaphansi, futhi wathi, "Sawubona?" Wathi, "Ngikholwa ukuthi unguMfu. Branham ulapha ngokuzo—zohlolwa umzimba."

Ngathi, "Nginguye."

Wayesethi, "Ngingakuhlikihla umhlane wakho ukuba uzizwe ungconywana, ngendakisa?"

Ngase ngithi, "Ungakwenza?"

Futhi ngenkathi esangihlikihla emhlane wami, wathi, "Uhlelo lini lebandla?"

Ngase ngithi, "O, ngingowehlelo elidala kunalo lonke elikhona."

Wayesethi, "Hlelo lini lelo?"

Ngathi, "Yilelo elahlelwa ngaphambi kokuba kuze kuhlelwe izwe."

"O," wathi, "yini . . . Angikholwa ukuthi ngiyalazi nje lelo . . . " Wathi, "Mina ngingowebandla elithize. Ngabe yileyonhlangano?"

Ngathi, "Cha nkosazana. Leyo yabakhona cishe nje eminyakeni engamakhulu amabili eyedlule—leyonhlangano. Kodwa lenhlangano yaqala lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, namadodana kaNkulunkulu enanela ngokujabula, lapho ebone ukufika koMsindisi ukuhlenga isintu."

Futhi wavele wama ukuhlikihla umhlane wami, futhi ngangithe ukugoba kancane ngapha ukuze inenekazi likwazi ukuhlikihla, (futhi wayengowaseduzane kweCorydon ezansi lapha,) futhi saxoxa, wayesethi, "Mnumzane, bengihlale

njalo ngikholwa ukuthi uma uNkulunkulu wabe eyilokhu enguNkulunkulu, Usenguye uNkulunkulu namhlanje njengalokhu nje Wayenjalo ezinsukwini zakudala." Wathi, "Nakuba isonto lami likuphika ngokusobala lokho, kodwa ngikholwa ukuthi lokho kuliQiniso."

Ngase ngithi, "Awukude noMbuso kaNkulunkulu, ntombi."

Wathi, "Uma Wake wabanguMphulukisi, Akasuye uMphulukisi namanje?"

Ngathi, "Unguye impela, dadewethu."

Kodwa umuntu ufuna ukubusa, futhi abuse phezu komuntu; futhi umuntu ufuna umuntu abuse phezu kwakhe. Akafuni ukuba abe noNkulunkulu ukuba abuse.

Ngakho lendodana kaKishi (uSawulu, ngegama) waba yimpendulo efanele kulokho ababekufunile. Indoda enkulu enobukhosi ne. . . o, wayevele abaholele ezimpini zabo, nokunjalo. Kodwa noma kunjalo kwakungesiyo indlela kaNkulunkulu yokwenza izinto. UNkulunkulu wayefuna umprofethi waKhe omdala othembekile ukuba abaqondise futhi akhulume amaZwi aKhe kubo.

Manje, namhlanje, onyakeni wethu omkhulu webandla esiphila kuwo, si—ngicabanga futhi ngikholwa ngenhliziyo yami yonke ukuthi ngempela sihambe ngokuguquka kulokho uNkulunkulu asigcobele ukuba sikwenze. AmaZwi okugcina oMsindisi wethu lalikuMarku 16, athi:

> . . .*Hambani niye ezweni lonke, nishumayele ivangeli kukho konke okudaliweyo.*
>
> *Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa;. . . ongakholwayo uyakulahlwa.*
>
> *Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; Ngegama lami bayakukhipha amademoni; bashumayele* ngolimi *ezintsha;*
>
> Futhi uma bebeyophatha *izinyoka;* kumbe *bephuza. . .okubulalayo*, bekungasoze *kwaba*limaza; futhi uma be*beka izandla* zabo *phezu kwabagulayo,. . . basinde.*

Akukho ndoda; akukho ndodana kaKishi, kumbe akukho namunye omunye ongaveza lokho ngaphandle kokuhola kukaMoya oNgcwele. Kodwa thina senze izikole; senze amakholiji, futhi senza nezinhlangano u—ukwenelisa nokubukeka njengezwe lonke.

Manje, uMoya oNgcwele wawuvamise ukuba ngumholi kulesisizwe. Lesisizwe sasivamise ukuphathwa ngenkathi emuva e. . .ngenkathi beloba isiMemezelo sokuZibusa, futhi kwakukhona esinye isitulo esithasiselwe sihlezi lapho. Akukho nachashaza elilodwa lokungabaza emqondweni wami kepha

ngukuthi iNdodana kaNkulunkulu yahlala kulelotafula, ngenkathi lesisizwe sitholwa phezu kwemigomo yenkululeko yenkolo, nenkululeko kubo bonke, naphezu kwezisekelo zeZwi eliPhakade likaNkulunkulu. Kodwa sesikubolisile lokho—ezombusazwe. Sivotele umuntu phakathi lapho ngaphansi kokuthenga nokuthengisa nezethembiso zamanga, kwaze kwathi isizwe sethu, nezombusazwe zethu, nokubusa ngentando yabantu kwethu konakele kakhu sekuze ku—kuthandelana nobuKhomanisi nazo zonke izinhlobo zezi "jobelelo."

Futhi izikhathi eziningi sibizela ekuhlanganeni kwemihlangano yomkhuleko ngenkathi Inhlangano yeZizwe ihlangana phakathi lapho kumbe ukuba nezingxoxo. Futhi kwesinye isikhathi esithize esikhulu esikhathini esisand'ukudlula, kwakungekho ngisho nesisodwa isikhathi esabizelwa umkhuleko! Siyoke sikuxazulule kanjani ukungezwani ngaphandle komkhuleko? Singake sikubheke kanjani ezweni lonke ukuba sike senze noma yini ngaphandle kobuholi bukaMoya oNgcwele?

Kodwa mangisho lokhu ngothando nenhlonipho esizweni sakithi, nasefulegeni laso, nakwiRiphabliki esiyimeleyo: simlahlile uMholi wethu, uMoya oNgcwele, nangezombusazwe ezibolile kungeniswe indoda emqondo-uphendukezelwe. Futhi uma ningaqapheli, bazokwenza elinye lamaphutha amakhulu okufa asebake bawenza njengamanje: yingoba abantu bafisa umuntu ukuba abuse.

Esikudingayo endlini enkulu yesizwe lapho kuhlangana khona umkhandlu waleUnited States njengoMongameli, esikudingayo kuKhongolose, esikudingayo emahholo ethu ezobulungiswa, ngamadoda ahlukanisele izimpilo zawo kuNkulunkulu, futhi agcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi aholwa ngukuqondisa kwaKhe kobuNkulunkulu. Kodwa esikhundleni salokho, sikhetha indoda ehlakaniphileyo, amadoda anesimo sokumesaba uNkulunkulu futhi ephika amandla kaNkulunkulu, amadoda angomphikiNkulunkulu futhi ngezinye izikhathi mabi kakhulu kunalokho—singenise amandla ezombusazwe esizwe sakithi; akusikho lokho kuphela kodwa emabandleni ethu.

Amabandla ethu asonakele phezu kwezisekelo ukuthi thina, ekukhetheni abelusi bezimvu bethu ukuba basihole, sihambe saya emakholiji futhi sakhetha indoda ayizidlakela ezinkulu ezihlakaniphile; amadoda akhaliphe ngempela engqondweni; amadoda anolwazi, futhi angamakhulu azejwayelanisa phakathi kwabantu, futhi angamadoda amakhulu esifundeni, engingenalutho engingalusho lokuphikisa; amadoda anomusa ezindleleni zawo zokuhamba, acophelelayo ezindleleni zawo zokuphila, nokuthi aziphatha kanjani phakathi kwamanye amadoda naphakathi kwabantu; amadoda amakhulu ezinkundleni zawo, engingakhulumi kabi ngakho—

uNkulunkulu akavumi ukuba umoya wami uyoke ube mubi kangako—kodwa noma kunjalo, lokho akusikho uNkulunkulu asikhethela khona! Ngubuholi bukaMoya oNgcwele—uKristu enhliziyweni yomuntu.

Amaningi aleyondoda ehlakaniphile ema epulpiti lethu ephika ubukhona bangempela bukaMoya oNgcwele. Amaningi awo aphika ubukhona bokuphulukisa kukaNkulunkulu namandla kaMoya.

Bengifunda isiqephu sendaba ebhaliwe izolo; (ngikholwa ukuthi bekuyiyo) uhlu lweziqephu zezindaba ezisikwe ephephandabeni kuJack Coe, uJack Coe ongasekho, omunye owabaphendulelwa yimi eNkosini uJesu, owayeyindoda enamandla enesibindi osukwini lwakhe, futhi wafakwa imibuzo ezansi eFlorida, ngenxa yokucela okuwumntwana omncane ukuba kukhumule izinsimbi zakho emilenzeni yakho nokuthi kuhambe kunqamule emsamo. Futhi phezu kokwenza kanjalo, okungumntwana kwahamba kwanqamula emsamo kungokuphelele kwase kuwa ngenkathi sekufika kunina—konke kuqalwe yisitha sikaKristu.

Lona wesifazane osemncane nomkhwenyana wakhe baletha umfowethu oliqhawe ezinkantolo zezwe. Futhi lapho kwakufanele onke amabandla ame ngakuMfowethu Jack, lapho wonke umfundisi ophatha iGama likaJesu Kristu wayefanele ame ngakuye ngesibindi; bonke abantu ababiza iGama leNkosi uJesu babefanele ukuwa ngamadolo abo ngomkhuleko, kodwa esikhundleni salokho, ezihlokweni zezindaba zamaphepha—elinye lamahlelo akithi amakhulu zathi babambisana nabaphikiNkulunkulu ukuba balahle futhi babophe uMfowethu Jack Coe. Ake ucabange nje ibandla abazibiza ngeGama likaKristu, babambisane nomphikiNkulunkulu ukuba balahle indoda eyesaba uNkulunkulu, eyayizama ngenhliziyo yayo yonke ukumela iBhayibheli? Kodwa bakwenza.

Kwase kuthi-ke uMfowethu Gordon Lindsay waba sekulamuleni, futhi ngenkathi umahluleli ongakholwa ethi, "Lendoda iyakhohlisa, ngoba yathatha izinsimbi kuleyongane yayihambisa ngokuyinqamulisa emsamo, futhi yathi yayisiphulukisiwe, futhi yaqamba amanga futhi yenza okuphambene neziyalo zikadokotela; ngakho-ke, ibhekene necala lokuwaka."

Futhi uMnu. Coe wasukuma, wayesethi, "Mnumzane, ngisishaya indiva lesositatimende. UNkulunkulu wamphulukisa umfana."

Nomahluleli wathi, "Ngizocela noma yiyiphi indoda kulenkantolo uma lesositatimende sasingahle sibe yiqiniso ukuthi uNkulunkulu wayengaphulukisa lowomfana ngakwelinye icala lomsamo, bese emyeka agule ngakwelinye.

Uma lesositatimende singafakazelwa yiBhayibheli, khona-ke ngithi uMnu. Coe unelungelo ngesitatimende sakhe."

Futhi umfundisi waphakamisa isandla sakhe wayesethi, "Wena Wakomkhulu, mnumzane, ngingakusho na?"

Nomahluleli wathi, "Yisho."

Nomfundisi wama ngezinyawo zakhe wayesethi, "Ngobunye ubusuku olwandle oluzamazamayo, ngenkathi umkhumbi omncane wawusuzoshona phansi; onke amathemba okusinda ayesehambile. Babona uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, eza ehamba phezu kwamanzi. Futhi omunye wabaphostoli, ogama linguPetru, wathi, 'Uma lowo kunguWe, Nkosi, yisho ukuba ngize kuWe phezu kwamanzi.' Futhi Wathi . . . INkosi yathi kumphostoli, uPetru, 'Woza.' Wayesephuma esikebheni, mnumzane, ehamba kahle nje njengoba uJesu wayehamba phezu kwamanzi. Kodwa lapho esesaba, uqala ukucwila ngaphambi kokuba afike kuJesu."

Umahluleli wathi, "Icala liyachithwa."

Sidinga ubuholi bukaMoya oNgcwele—hhayi indoda ehlakaniphile.

USawulu, indodana kaKishi, wabe-ke esenziwa umholi phezu kwabantu. Futhi wathatha amadoda ayizinkulungwane ezimbili, noJonathani wathatha inkulungwane, futhi uJonathani wehlela ebuthweni wehlula isigejana sama Amori, ama Amoni njalo. Futhi ngenkathi—ngenkathi esewehlulile, uSawulu wabetha icilingo wayesethi, "Niyabona ukuthi uSawulu wenzeni." Waqala ukuzikhukhumeza.

Uthi nje umuntu angathola ukuba nguDokotela wezobuNkulunkulu othize, kumbe athole okuthize okuncane emva kwegama lakhe, uphenduka athi akabe u "ngazi-konke." Amadoda kaNkulunkulu angamadoda athobile. Abantu bakaNkulunkulu bangabantu abathobile.

Uma ubona othize othi bemukele uMoya oNgcwele futhi baqale ukuzehlukanisa, kubonakala ukuthi abanakho ukuKholwa, behambahamba bezama ukuba yinto ethize abangesiyo, kuphela khumbulani, abakayemukeli iNkosi uJesu.

Khona-ke siyathola ukuthi isitha sangena, futhi sasizongena esigejaneni esincane sabantu bakaNkulunkulu futhi sasizokopolota iso langakwesokudla lawo wonke umuntu. Yilokho isitha esihlala sizama ukukwenza, ngukukopolota amehlo omabili uma singahle sikwazi, ukuze abantu bangakwazi ukubona ukuthi benzani. Yilokho uSathane azama ukukwenza namhlanje kuwowonke umKristu—akopolote amehlo akhe okomoya, ukuze alandele kuphela umqondo wokuhlakanipha wezinto futhi kungabi umqondo kaMoya oNgcwele umhola.

Ngakho-ke ngenkathi bekwenza lokho, ngenkathi ukwehlulwa okukhulu kufika, khona-ke uSawulu wahlahlela

izinkabi ezinkulu ezimbili futhi wazithumela zonke kubantu. Futhi ngifisa sengathi beningaqaphela lapha. Ngenkathi uSawulu ethumela amaqatha enkabi kuwowonke uIsrayeli wayesethi, "Makuthi wonke umuntu ongayikulandela uSamuweli noSawulu, makuthi yena, lenkabi . . . abe njengalokhu." Niyabona ukuthi wazama kanjani ngokukhohlisa ukuziveza kanye nendoda kaNkulunkulu? Ukuthi—ukuthi kwakungesibona kanjani ubukristu. Ukwesaba kwabantu kwakungenxa kaSamuweli. Kodwa uSawulu wabathola bonke ukuba balandele yena ngenxa yokuthi abantu besaba uSamuweli. "Mabeze emva kukaSamuweli *no*Sawulu."

Futhi kukangaki namhlanje sikuzwile: "Siyibandla elikhulu;" "SiyiBandla likaKristu;" "SiyiBandla likaNkulunkulu;" "Singu—ngu *kuthi-nokuthi*." Kwenza abantu bathole ukwesaba futhi bacabange ukuthi ngempela kulapho uNkulunkulu esebenza khona. Futhi ababufuni ubuholi bukaMoya oNgcwele; bangaqoka ukulandela umuntu kanjalo, ngoba bathanda ukuphila impilo okungeyabo yomuntu ngayedwa. Bathanda ukukholwa lokho abafuna ukukukholwa.

Niyabona ukuthi uMoya oNgcwele unguMahluleli wethu? UNkulunkulu akalokothi asinike uphapha, kumbe umbhishobhi, kumbe noma ngubani ukuba abe ngumahluleli. UMoya oNgcwele, uMuntu kaNkulunkulu esimweni sikaMoya oNgcwele, unguMahluleli wethu noMholi wethu. Manje kungani kube yilokho?

Ngiyacela nixole ngalokhu ukungahloniphi nokuzwakalisa okukhulu ukungahloniphi. Angikusho ukuba ngeye; ngikusho kuvela othandweni. Kodwa uMoya oNgcwele uthi kuliphutha ukuba abesifazane bethu bagunde izinwele zabo, futhi kuliphutha ukuba abesifazane bethu bagqoke izikhinjana namabhulukwe nokwenza izindebe zabo zomlomo nobuso ngopende; uMoya oNgcwele uthi kuliphutha. Kodwa sifuna indoda isitshele ukuthi kulungile!

"Inqobo nje uma silandela mina noSamuweli." Bayathanda ukuphila zonke izinsuku eziyisithupha noma ngayiphi indlela abafuna ukuphila ngayo, baye esontweni ngeSonto ekuseni—futhi esihle isihlakaniphi, isifundiswa esinesiqu sasekholiji nezininingi iziqu, singakhuluma kubo intshumayelo encane ezo . . . amahlaya ambalwa ayokitaza izindlebe zabo futhi sibenze kebalibale njengebhayisikobho ethize kumbe uhlelo lwethelevishini, bese sibasholo umkhuleko omncane phezu kwabo, bese sibayisa ekhaya benokuphepha o—okuwuhlobo lokuziduduza ukuthi bayenzile inkolo yabo.

Leyo akusiyo intando kaMoya oNgcwele. UMoya oNgcwele ufuna niphile ngokumesaba uNkulunkulu nsuku zonke evikini futhi busuku bonke, nizehlukanise nezinto zezwe. Kodwa ibandla alikufuni lokho. Bafuna indoda ethize enga—

engahumusha iBhayibheli ngendlela abafuna ukuLizwa ngayo. Bangeke balalele ePhimbweni likaMoya oNgcwele ekhuluma ngeBhayibheli.

Abaningi babo bafuna ukuthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlula." Yilokho okukitaza abantu. Bafuna ukuthi, "Awukho umbhaphathizo kaMoya oNgcwele." Abantu abafuni ukwenza noma yini eyahlukile kunalokho okwenziwa yizwe lonke. Abafuni ukungena emgwaqeni nokuba bageze ubuso babo, na—namadoda abe nobuso obuhlanzekile futhi kungabi wosikilidi emilonyeni yawo, ne—nezigazu, nezinqawe, ne—nezinto indoda ezenzayo; nabesifazane bafuna izinwele zabo zigundwe zibe mfishane ngempela bagqoke nezingubo ezincane, futhi ezibonakalisa ukubumbeka kwabo nezinto abazifunayo. Ba—bafuna indoda ezobatshela ukuthi kulungile.

Kwasekuthi-ke ngobunye ubusuku nakhu kufika indoda ukungitshela ukuthi ngoba ngishumayele ngaphikisana nento enje, ukuthi ihlelo elikhulu, cishe amahlanu awo, athi, "Sizomyeka uMfowethu Branham futhi singabi nalutho olunye esingalwenza naye. Kuzoba phakathi kokuthi uyawahoxisa lawomateyipu bese uxolisa ngawo, noma sizokuyeka."

Ngathi, "Ngiyoma neZwi likaNkulunkulu, uma kuthatha konke okusempilweni yami. Ngiyohlala neZwi futhi ngi . . . "

Bathi, "Pho, ungeyihoxise iteyipu *ethize-thizeni*?"

Ngathi, "Angikaze ngishumayele lutho empilweni yami engabanamahloni ngayo. Angizukuhoxisa mateyipu, kumbe lutho okubhalwe encwadini. Ngiyohlala nalokho okushiwo nguMoya oNgcwele. Lokho ngiyophila ngakho futhi ngife ngakho." Angizami ukuzisho ngami, manje, kodwa nje ngizama ukuninika umfanekiso wokuthi kwenzekani ukuze nibone futhi niqonde. Ngabantu befuna ukuholwa yindoda.

Babengamfuni uSamuweli. Kwase-ke ngaphambi kokuba bagcobe inkosi uSamuweli, kumbe inkosi uSawulu, ngiyaxolisa. USamuweli weza kubo futhi. Futhi ngizokhuluma ngolimi nje njengoba ayengalusho namhlanje. Ningakufunda.

Wathi, "Yin'indaba ngoNkulunkulu eyiNkosi yenu na?"

"Phela, asimboni uNkulunkulu."

"Phela, ngingomele Yena." USamuweli wathi, "Sengake nganitshela yini noma yini okungesikho? Sengake ngaprofetha yini noma yini engazange ifezeke njengoba nje ngasho ukuthi iyokwenzeka? Anginitshelanga yini iZwi leNkosi? Futhi ngizonibuza lokhu: Sengake ngeza yini kini ngacela noma yiyiphi imali yenu? Kukhona yini esengake ngakuthatha kini? Kukhona yini esengake ngakuletha kini ngaphandle koqondileyo u ISHO KANJE INKOSI? Futhi uNkulunkulu ukuqinisekisile ngezikhathi zonke, ukuthi kwakuliQiniso." Futhi Wathumela ukuduma kwezulu nezimvula. Niyawazi

umBhalo, nina, khona lapho, ukufakazisa ukuthi uSamuweli wayengumlomo kaNkulunkulu.

Futhi njengoba uSamuweli ngokuphelele umele namuhla uMoya oNgcele. UMoya oNgcwele unguMlomo kaNkulunkulu. Okhuluma khona impela iBhayibheli elakushoyo. Okholwa yikho nje okwashiwo yiBhayibheli futhi angeke ahluke kukho nakancane, kodwa bafuna othize owayengabatshela okwehlukile.

Futhi abantu babengenakusho ukuthi isiprofetho sikaSamuweli sasingaphelele. Baphendula bathi, “Samuweli, konke okukhulume eGameni leNkosi, iNkosi ikufezile njengoba nje washo. Akukho nokukodwa ukuvuza. Awuzange uze kithi wase usicela imali yethu. Uzondle wena. Awukaze usicele ukuba sikwenzele noma yini okukhulu okuqhamile. Wethembele kuNkulunkulu wakho, futhi Ukukhululile ezintweni zonke. Futhi amazwi akho aqinisile—konke owakukhuluma eGameni leNkosi kubenjengoba nje washo, kodwa sisalokhu sifuna inkosi!”

Niyakubona ukwehluka? Niya—niyabubona u—ubuqili bukadeveli ukuthi bungasebenza esidalweni esingumuntu? Esikhundleni sokuba azinikele yena, kumbe yena owesifazane, kuMoya oNgcwele bese elalela kulokho u ISHO KANJE INKOSI ayikho empilweni emsulwa, isimilo esimsulwa, sempilo ehlukile, abantu abazuziweyo, isizwe esingcwele, abantu abaziphatha ngokuyinqaba, baqoka ukuvumelana nezwe, baziphathisa okwezwe, futhi baye kwelinye ibandla elithi, “Lokho kulungile; ziphatheni kanjalo nje niqhubeke.”

Niyabona ukuthi kuyini? Bathi, “Ayikho into ethiwa ukuphulukisa. O, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele wawuluhlaka lwebandla.” Ngamany’amazwi, wase-ke uNkulunkulu ethatha indoda, wathatha uMoya oNgcwele wawukhipha ebandleni wayekela ihlelo ukuba lilikhulise. Phinde, phinde. Ayikho into enjalo. UMoya oNgcwele, iZwi leQiniso, wawungowokunihola uJesu aze afike. Kodwa yileyondlela o—okwahamba ngayo.

USawulu wangena esikhundleni sokubusa. Wathola ukulandelwa okukhulu. O, wayenezikhali ezinhle; wayenabahlabeleli; wayenezihlangu; futhi wayenemikhonto. O, wazedlula ngokukhanya zonke ezinye izizwe. Futhi wabangenisa ekubuseni ngentando yabantu lokho kwakuphambili kwanoma yini noma ubani osewake wakuzwa.

Futhi yilokho impela amahlelo ethu namabandla akwenzile namhlanje. Sinezindlu zokusonta ezinkulu kunazo zonke ezweni. Sinabantu abagqoka kahle ukubedlula bonke ezweni. Sinolwazi-nzulu oluphakeme kunalolonke olungalethwa. Njengendoda eqeqeshiwe kaSawulu eyayikwazi ukuthatha

lowomkhonto, futhi ayekwazi ukuwuyaluzisa futhi avive izizwe zaze zawesaba. Ayengabantu abaqeqeshiwe, nabo bonke.

Kodwa ngelinye ilanga, kwafika isikhathi ukuthi kwabakhona ophumayo owacela inselele. Futhi yayixhaphazelisa kakhulu yonke impi yakwaIsrayeli baze bama bethuthumela ezicathulweni zabo. UGoliyati wabenzela inselele: "Uma uNkulunkulu wenu eyilokho enithi Uyikho, ningabaqeqeshwe ukubedlula bonke," futhi wabacela inselele. Abazanga ukuthi kwakufanele benzenjani. Ezinhle ezabo, izikhali ezipholishiwe zazingenakusebenza. Imikhonto yabo yayingenakusebenza. Kwakukhona okuthize ababengazange bezwe ngakho ngaphambili okwakwenzeka. Futhi ngayo yonke inhlonipho, nezinhlonipho zokumesaba uNkulunkulu, nobuqotho, nesizotha nothando, nokuhlanganyela kobuKristu, ngisho lokhu: Ngafunda ngelinye ilanga ephepheni laseAfrika lapho indodana yethu kaKishi, umceli-nselele wethu wobuvangeli—ngenkathi okaMohamede emcela inselele—uBilly Graham—wathi, "Uma uNkulunkulu wakho enguNkulunkulu, Makaphulukise abagulayo njengoba Athi Uyokwenza!" Futhi indodana kaKishi, nabanye bempi, bazithulisa bashiya izwe behluliwe. Kuyihlazo. UNkulunkulu wethu unguNkulunkulu!

Sinamabandla ethu amahle; sinokushumayela kwethu ivangeli okuhle; sinabahlabeleli bethu abakhokhelwayo; sinamakhwaya awedlula onke, imibhoshongo ecije phezulu ephakeme kunayo yonke ezweni; sinendoda enhle ukuwedlula onke, inkindlane yemali. Sinesihlakaniphi; sinesayense yezenkolo eze yafika phansi esihlokweni; singayishumayela; singayisho; singavangela futhi singenise abantu futhi senze izigidi ngonyaka ngamunye zabaphendukile bangena ebandleni. Abahlabeleli bethu abakhokhelwayo, ukushunyayelwa kwevangeli lethu elihlakaniphileyo alikwazi ukuthi lingahlangabezana kanjani nenselele enjalo. Abazi lutho ngayo. Abazi lutho ngamandla aKhe okuphulukisa, ombhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngamandla angathatha ithunzi lendoda ebulawa ngumdlavuza futhi ayikhulule. Abazi lutho ngawo. Abakaze baqeqeshwe kuleyonkundla, njengoSawulu neqembu lakhe elenziwe ngumuntu wayenjalo.

Kodwa mangisho kubantu bakaNkulunkulu nakini bantwana, ukuze nazi ukuthi uNkulunkulu akanishiyi neze ngaphandle kukafakazi: Ongaziwa kuSawulu; uSawulu wayengazi lutho ngakho. UNkulunkulu wayenoDavide omncane ngale ngemuva kwegquma ndawo ndawo owayengazeluseli izimvu okhuleni lobufundisi. Wayeziholela eceleni kwamanzi acwebileyo nasemadlelweni aluhlaza! Wayezinakile izimvu zikayise, futhi uma kukhona okugijimela phakathi (isitha) ukudephuna enye yezimvu zikayise, wayewazi amandla kaNkulunkulu ukukhulula leyomvu!

UNkulunkulu usenaye uDavide ndawo ndawo owaziyo ukuthi kuchaza ukuthini ukukhulula enye yezimvu zikaNkulunkulu ngamandla kaNkulunkulu. Usazi konke ngakho. Ubethembele . . . Wayengazi lutho ngezikhali zikaSawulu kanjalo wayengafuni nayisiphi sazo. Wayengafuni nayiliphi lamahlelo abo; wayengazifuni izikhali ezindala phezu kwakhe. Wathi, "Angazi lutho ngaso! Kodwa mangihambe eMandleni engiwaziyo."

Wayezalusile izimvu zikayise. Wayewanakelele amadlelo. Wayezinike uhlobo oluyilo lokudla, futhi zaphila futhi zakhula. "Umuntu akanakuphila ngesinkwa sodwa, kodwa ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu umuntu uyophila ngawo." Umelusi wezimvu weqiniso uyazondla—"UJesu Kristu, nguyena izolo, namuhla, naphakade." Futhi uma isitha sidephuna eyodwa ngokugula, uyawazi amandla kaNkulunkulu.

Buka uDavide omncane, wama lapho. Bathi, "Lowomfo uyibutho kusukela ekuzalweni kwakhe. Futhi kusukela ebusheni bakhe ubengazi lutho kodwa umkhonto nezikhali. Uqeqeshwe ngokwenele. Uyisazi sezenkolo. Futhi awazi lutho ngakho."

Wathi, "Yiqiniso lelo, mnumzane. Angazi lutho ngokuqeqeshelwa kwakhe ezesayense yezenkolo, kodwa kunye engikwaziyo: ukuthi ngenkathi isitha singena ukuba sithathe enye yezimvu zikababa wami, ngahamba namandla kaNkulunkulu. Ngayikhulula! Ngayibuyisa ngokuphepha yabuyela ekuphileni okuhle futhi. Ngayibuyisela emadlelweni aluhlaza anomthunzi namanzi acwebileyo. NoNkulunkulu owanikezela ingonyama ezandleni zami, futhi ngayibulala ngenkathi ithatha enye yamawundlu, futhi Wangivumela ngibulale ibhere; ngakho uNkulunkulu weZulu uzohamba nami ukuba ngibulale lomFilisti ongasokile!" Sidinga ubuholi bukaMoya oNgcwele.

Angizazi izinsuku zami. Akekho owaziyo.

Ngokunye ukusa ngangicambalele embhedeni wami. Futhi nga . . . Ngangikade ngizumekile, futhi ngaphupha uJoseph egula, futhi ngangimthathile ukuba ngimkhulekele. Futhi ngenkathi sengivuka ngakhathazeka kakhulu. Ngathi, 'Awu, mhlampe uJoseph uzogula." Futhi ngabuka kuhamba phambi kwami ethunzini elincane elimnyama, kakhudlwana kungumbala othi awube nsundu, futhi kwabonakala sengathi kwakuyimi. Futhi ngakuqaphelisisa futhi okwakuza ngemuva kwakungumuntu othize omhlophe, futhi kwakunguYe. Ngabuka ngale komkami ukubona ukuthi wayephapheme yini ukuze ngimkhombise; uma engawubona umbono, kodwa wayelele. Ngathi, "O, ngiyaxolisa, Nkosi, kodwa lokho bekuyimpilo yami. Ubuyilokhu ungiqhubela kukho konke engikwenzile. Sonke isikhathi uma bekwenzeka noma yini, bengiyaye ngicabange

ukuthi kwakusuke kunguWe okwenzayo, futhi ngiyaqonda ukuthi kwakunguSathane ezama ukungidedisa kukho." Ngathi, "Uma nje kuphela Ungangihola." Futhi lapho ngibuka ngabona ubuso obuhle kunabobonke esengake ngabubona kumuntu. Wayengaphambi kwami ebuka emuva. Waphakamisa isandla saKhe wase ebamba esami wase eqala ukuya *ngapha*. Umbono wangishiya.

NgeSonto eledlule ekuseni nga . . . ngisheshe ngavuka. Lokho kwaba ngoMgqibelo; lombono. Bengihlale ngikhathazekile. Bengihlale ngicabanga ngokufa. Kimi, nginamashumi amahlanu, isikhathi sami asi . . . Angicabanganga ukuthi kwase kuyisikhathi eside. Ngangimangala ukuthi kazi ngiyoba yini kulomzimba-moya—umzimba wasezulwini. Ngabe kuyoba ngukuthi ngiyobabona abangane bami abathandeka kakhulu futhi ngibone inkungu encane emhlophe yedlula, bese ngithi, "Nanguya uMfowethu Neville ehamba," kumbe angasho ukuthi, "Halo, Mfowethu Branham."? Futhi uma sekufike uJesu, bese ngibuye ngibe umuntu futhi. Ngangihlala njalo ngicabanga lokho.

Ngangiphupha ngihambele entshonalanga futhi ngi . . . ngiza ngehla ngidabula endaweni enezihlahlanyana ezincane zokunonga, nomkami wayenami, futhi sasikade sidoba izinhlanzi amatrawuthi. Futhi ngama ngavula isango, nesimo sezulu sasisihle kabi. Sasingabukeki njengoba senza phezu kwesigodi lapha. Sasiluhlaza okwesibhakabhaka namafu amahle amhlophe. Futhi ngathi kunkosikazi, ngathi, "Kufanele ngabe kade saphuma seza lapha, S'thandwa."

Wathi, "Ngenxa yabantwana, besifanele, Billy."

Ngathi, "Lokho . . . " Ngase ngivuka. Ngacabanga, "Ngaphupha kangaka. Angazi ukuthi yingani." Futhi ngabuka phansi futhi wayelele eduze kwami. Ngase ngivuka emqamelwemi wami, njengoba iningi lenu bantu nike nakwenza. Ngabeka ikhanda lami phezu kwepulangwe lombhede ngase ngibeka izandla zami emva kwami. Futhi ngangicambalele lapho kanje ngase ngithi, "Awu, impela angazi ukuthi kuyoba yini, ngaleya. Sengivele nginamashumi amahlanu, futhi angikenzi lutho nokho. Uma nje ngingenza okuthile ukuba ngisize iNkosi. Ngoba ngiyazi ukuthi angiyikuba ngofayo . . . Ingxenye yesikhathi sami isiphelile, empeleni, kumbe ngaphezu kwengxenye. Uma ngingaphila ngibemdala njengabantu bakithi, nakhona lapho ingxenye yesikhathi sami isiphelile." Futhi ngaqalaza futhi ngangicambalele lapho ngilungela ukuvuka. Kwakucishe kube ngelesikhombisa nqo. Ngathi, "Ngikholwa ukuthi ngizokwehla ngiye enkonzweni namhlanje ekuseni. Uma ngishe izwi, ngizothanda ukuzwa uMfowethu Neville eshumayela."

Ngakho, ngathi, "Usuvukile, S'thandwa na?" Futhi wayelele zwi.

Futhi angifuni nikugeje lokhu. Kungiguqulile. Ngingeke ngisaba yiloMfowethu Branham ebenginguye.

Futhi ngabuka, futhi ngezwa enye into iyilokhu ithi, "Usaqala nje. Phikelela empini. Yiba uyilokhu uphikelele."

Nganyakazisa ikhanda lami umzuzu. Ngase ngicabanga, "Cha, mhlampe ngicabanga kanjena nje, uyazi, umuntu angathola imicabango nje," futhi ngathi, "Mhlampe bengizicabangela nje lokho."

Kwathi, "Phikelela empini! Qhubeka! Qhubeka!"

Futhi ngathi, "Mhlampe kushiwo yimina."

Futhi ngafaka izindebe zami zomlomo phakathi kwamazinyo ami, ngase ngivala umlomo wami ngesandla sami, futhi nakho kufika futhi. Kwathi, "Yiba ulokhu uphikelele. Uma nje ubuwazi ukuthi kunjani ekupheleni kwendlela." Futhi kwaba sengathi ngiyamuzwa uGraham Snelling kumbe omunye owacula leloculo kanje; balicula lapha—Anna Mae nani nonke nonke:

> Ngikhumbule ekhaya ngijahile futhi ngifuna ukubona uJesu;
> Ngithanda ukuzwa lezozinsimbi ezimnandi zokungamukela zikhala;
> Kuyokhanyisa indlela yami futhi kushabalalise konke ukwesaba;
> Nkosi, mangibuke ngale kwekhethini lesikhathi.

Nake nalizwa liculwa lapha enkonzweni.

Futhi ngezwa into ethile ithi, "Ungathanda ukuba uke ubuke ngapheseya kwekhethini na?"

Ngathi, "Kuzongisiza kakhulu." Ngase ngibuka, futhi ngomzuzwana nje, ngi . . . ukuphefumula kanye, ngase ngifike endaweni encane eyayitshekile. Ngabuka emuva, futhi nakhuya ngangilele embhedeni. Futhi ngathi, "Yinto eyisimanga lena."

Manje, angithandi nikuphinde lokhu. Lokhu kuphambi kwebandla lami, noma izimvu zami engizelusayo. Noma kwakuyimi ngangikulomzimba noma ngiphumile, noma kwakungukuguqulwa . . . Kwakungenjengawo noma yimuphi umbono engake ngaba nawo. Ngangikwazi ukubuka laphaya, futhi ngangikwazi ukubuka lapha. Futhi lapho sengifika kuleyondawo encane, angikaze ngibabone abantu abaningi kangaka beza begijima, bememeza, "O, mfowethu othandeka kakhulu". Futhi ngabuka, nabesifazane abasha, mhlawumbe bedonsela lapha emashumini amabili eminyaka (eshumini nesishiyagalombili kuya emashumini amabili) babengigaxa futhi bememeza, "Mfowethu othandeka kakhulu."

Nakhu kuza insizwa elapha ebunsizweni obuqhamileyo, namehlo azo ekhazimula futhi ebukeka njengezinkanyezi ebusuku obumnyama, amazinyo azo emhlophe njengobuhlalo obuligugu, futhi zazimemeza zingihwaphuna futhi zimemeza, "O, mfowethu othandeka kakhulu." Futhi ngama futhi ngabuka, futhi ngangimusha. Ngabuka emuva emzimbeni wami omdala ulele laphaya izandla zami zisesiphundu sami. Futhi ngathi, "Angikuqondi lokhu." Nalaba besifazane bengigaxa.

Manje, ngiyazi ukuthi sixubene lapha, futhi ngikusho lokhu ngobumnandi nangesizotha sikaMoya. Muntu wesilisa ungeke ugaxe abesifazane ngengalo kungabibikho okunyakazayo emizweni. Kodwa kwakungekho laphaya. Kwakungekho zolo noma ikusasa. Babengakhathali. Babe . . . Angikaze ngibabone abantu besifazane abahle kanjeya empilweni yami yonke. Babenezinwele ezize zayoshaya maqondana nokhalo lwabo, iziketi ezinde zifika ezinyaweni zabo, futhi babengigona. Kwakungesikho ukugona engingakugonwa ngisho ngudadewethu uqobo ohlezi laphaya. Babengangiqabuli, futhi nami ngangingabaqabuli. Kwakuyinto e—engingenawo amagama asetshenziswayo ekukhulumeni; anginawo amazwi okukusho. *Ukuphelela* alifiki nakancane kukho. *Okuhle hle* nalo alifinyeleli ndawo. Kwakuyinto engingakaze . . . Kungcono uziyele wena lapho.

Futhi ngabuka ngapha nangapha, futhi babeza ngezinkulungwane. Futhi ngathi, "A—angikuqondi lokhu." Ngathi, "Yini ba . . . " Futhi nakhu sekuqhamuka uHope—lowo kwakungumkami wokuqala. Wagijima futhi akazange asho ukuthi, "Myeni wami." Wathi, "Mfowethu othandeka kakhulu." Futhi lapho engigona, kwakukhona omunye wesifazane owayemi lapho obese-ke wangigona, noHope wagona lona wesifazane. Futhi ngamunye, futhi ngacabanga, "Lokhu kumele ukuba yinto eyehlukile; kungeke kwenzeke. Kukhona okuthize . . . " Ngacabanga, "O, ngisayoke ngiphinde ngifune ukuba ngike ngiphinde ngibuyele kulesiya sidumbu esidala futhi?" Ngaqalaza lapho, futhi ngacabanga, "Kuyini lokhu na?" Futhi ngangibukeka ngikahle ngempela, futhi nga—ngathi, "A—angikuqondi lokhu." Kodwa uHope wayebonakala enjenge . . . o isimenywa esihloniphekile. Wayengahlukile kodwa nje enjengesimenywa esihloniphekile.

Futhi ngase ngizwa izwi-ke elakhuluma nami elalisendlini, lathi, "Nakhu owakushumayelayo kwakunguMoya oNgcwele. Lolu wuthando oluphelele. Futhi akukho okungangena lapha kungenalo."

Sengiphokophelele kakhulu kunakuqala empilweni yami ukuthi kubiza uthando oluphelele ukungena lapho. Kwakungekho mona. Kwakungekho kukhathala. Kwakungekho kufa. Ukugula kwakungeke kwangena lapho. Ukufa kwakungeke kwakwenza ubemdala; futhi bona, babengakhali.

Kwakungukujabula nje kuphela—"O, mfowethu othandeka kakhulu."

Futhi bangithatha bangikhuphula base bengihlalisa endaweni enkulu ebanzi ephakemeyo. Futhi ngacabanga, "Angiphuphi. Ngibuka emuva emzimbeni wami olele phansi laphaya embhedeni." Futhi bangihlalisa phezulu laphaya ngase ngithi, "O, bengingafanele ngihlale phezulu lapha."

Futhi nakhu kufika abesifazane nabesilisa nxa zombili bephelele nje ebusheni, bememeza. Nomunye wesifazane wayemi lapho futhi wamemeza, "O, mfowethu othandeka kakhulu. O, siyajabula kakhulu ukukubona lapha."

Ngathi, "Angikuqondi lokhu."

Kwase kuthi lelozwi elalikhuluma phezu kwami lathi, "Uyazi ukuthi kulotshiwe eBhayibhelini ukuthi abaprofethi baqoqwa nabantu babo."

Futhi ngathi, "Yebo, ngiyakukhumbula lokho emiBhalweni."

Lathi, "Kodwa, lokhu kuyoba mhla usubuthana nabantu bakho."

Ngathi, "Kanti bayoba ngabantu ngempela, futhi ngiyabathinta."

"O, yebo."

Ngathi, "Kodwa ngi . . . Kukhona izigidi. Ababaningi kangako oBranham."

Futhi lelozwi lathi, "Abasibo oBranham; bangabaphendulwa nguwe. Yilabo owabaholela eNkosini." Futhi lathi, "Abanye babo abesifazane lapho ocabanga ukuthi bahle kakhulu base bedlule emashumini ayisishiyagalolunye eminyaka ubudala ngenkathi ubaholela eNkosini. Akumangalisi bememeza, 'Mfowethu othandeka kakhulu.'"

Futhi bamemeza kanye kanye, bathi, "Ukuba wawungahambanga, ngabe asikho lapha."

Ngaqalaza ngase ngicabanga, "Cha, angikutholi." Ngathi, "O, uphi uJesu na? Ngifuna kabi ukuMbona."

Bathi, "Manje, Uthe ukuphakama kancane, phezulu nje khona ngapho." Bathi, "Ngelinye ilanga Uyoza kuwe." Niyabona na? Bathi, "Wathunyelwa ukuba ngumholi noNkulunkulu uyofika, futhi uma Efika, Uyokwahlulela wena ngalokho owabafundisa khona, kuqala; ukuthi bayangena noma qha. Siyohamba singene ngokufundisa kwakho."

Ngathi, "O, ngiyajabula kakhulu! Ngabe uPawulu—ngabe naye uzoma kanjena na? Ngabe noPetru uzoma kanjena na?"

"Yebo,"

Ngathi, "Ngakho-ke ngishumayele onke amaZwi abawashumayelayo. Angikaze ngehluke kulo ngapha nangapha. Lapho ababhaphathiza khona eGameni likaJesu Kristu, ngakwenza nami. Lapho abafundisa khona umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ngakwenza nami. Noma yini abayifundisayo, ngayenza nami."

Nalabobantu bamemeza bathi, "Siyakwazi lokho, futhi siyazi ukuthi siyohamba nawe ngolunye usuku sibuyele emhlabeni." Bathi, "UJesu uyofika, futhi uyokwahlulelwa ngokweZwi osishumayeze lona. Bese-ke, uma wamukelwa ngalesosikhathi, futhi okuyobanjalo," futhi bathi, "lapho-ke uyosiyisa kuYe njengemiklomelo yakho yenkonzo yakho." Bathi, "Uyosiholela kuYe bese sonke kanyekanye siyobuyela emhlabeni ukuyohlala phakade."

Ngathi, "Ngibuyele emuva manje na?"

"Yebo, kodwa qhubeka uphikelele."

Ngabuka, futhi ngangibabona abantu; ngibona kude le, beseza, befuna ukungigona, bememeza, "Mfowethu othandeka kakhulu."

Kwathi khona lapho izwi lathi, "Konke lokho owawulokhu ukuthanda, nakhokonke lokho okwakulokhu kukuthanda, uNkulunkulu ukunike wena lapha." Futhi ngabuka futhi nakhu kuqhamuka inja yami endala iza ikhuphuka. Nakhu kuqhamuka ihhashi lami lafike labeka ikhanda lalo phezu kwehlombe lami layiyiza. Kwathiwa, "Konke lokho owawulokhu ukuthanda nakho konke lokho okwakulokhu kukuthanda, uNkulunkulu ukunikele esandleni sakho ngenxa yenkonzo yakho."

Futhi ngazizwa ngisuka kuleyondawo enhle. Futhi ngaqalaza. Ngathi, "Usuvukile, S'thandwa na?" Wayesalokhu elele. Futhi ngacabanga, "O, Nkulunkulu, o ngisize, o Nkulunkulu. Ungangivumeli ngiyekelele nangelilodwa iZwi. Mangihlale ngiqonde ngqo phezu kwaleloZwi ngiLishumayele. Angikhathali ukuthi kuzani noma kuhambani, ukuthi ubani wenzani, ukuthi bangaki oSawulu noma amadodana kaKishi avukayo, kungakanani *lokhu, lokho*, noma *lokhuya*, makuthi mina, Nkosi, ngiphikelele kuleyondawo.

Konke ukwesaba ukufa . . . Ngikusho lokhu neBhayibheli lami liphambi kwami namhlanje ekuseni. Nginomfanyana laphaya, oneminyaka emine ubudala, osadinga ukukhuliswa. Nginentombazane eneminyaka eyisishiyagalolunye ubudala nebhungu engibongayo ngabo, okuphendule indlela yeNkosi. Nkulunkulu mangiphile ukuze ngibakhulisele emyalweni kaNkulunkulu. Ngaphezu kwalokho, umhlaba wonke jikelele ubonakala umemeza mina. Abesifazane abanamashumi ayisishiyagalolunye eminyaka ubudala nabesilisa nezinhlobo zonke, "Ukuba awuhambanga, besingeke sibe lapha." Nkulunkulu mangiphikelele empini. Kodwa uma sekufika

ekufeni, angisekho...Kuyoba yinjabulo, kuyoba yintokozo ukungena ngivela kulokhukubola nehlazo.

Uma ngingafinyelela ngale, ikhulu lesigidi sezigidi zamamayela ukuphakama, iblokwe eliyisikwele, nalolo wuthando oluphelele. Ngasinye isinyathelo ngapha, kuyancipha, size sifike phansi lapho esikhona manje. Kungaba nje yisithunzana sokubola. Leyontwanyana esiyizwayo futhi sizwe ukuthi kukhona okuthize endaweni ethize; asazi ukuthi kuyini. O, bangane bami abathandeka kakhulu, bathandwa bami, zithandwa zami zeVangeli, bantwana bami abazalelwe uNkulunkulu, ngilaleleni, engiwumfundisi wenu. Ni...Ngifisa sengathi bekungabakhona enye indlela ebenginganichazela khona ngayo. Akukho-mazwi. Angilitholanga. Alitholakali ndawo. Kodwa ngaphesheya nje kwalokhukuphefumula kokugcina kuyinto enhle kakhulu ngokwadlulele osewake... Ayikho indlela yokukuchaza. Ayikho indlela; angikwazi nje ukukwenza. Kodwa noma ngabe yini oyenzayo, mngane, beka eceleni konke okunye uze uthole uthando oluphelele. Fika endaweni lapho ongathanda khona wonke umuntu, sonke isitha, konke okunye. Lokho kuvakasha okukodwa lapho kimina kungenze umuntu owehlukile. Ngingephinde, phinde, phinde ngibe yilowoMfowethu Branham enganginguye.

Noma ngabe amabhanoyi ayagqugquzela, noma ngabe umbani uyabaneka, noma ngabe izinhloli zingibeke isibhamu, noma ngabe kuyini, akunandaba. Ngizophikelela empini ngomusa kaNkulunkulu, ngokuba ngilishumayelile iVangeli kukho konke okudaliweyo nakuwo wonke umuntu engingakwazi ukufinyelela kuye, ngibabonisa kulelozwe elihle ngaleya. Kungabonakala kul'khuni; kungathatha amandla amaningi.

Angazi ukuthi kuyoba yisikhathi eside kangakanani. Asazi. Ngokukhuluma ngokwenyama, ekuhlolweni kwami ngelinye ilanga, kwathiwa, "Uneminyaka engama 25 yokuqina, impilo enhle. Uqinile." Lokho kwangisiza. Kodwa o, kwakungesikho lokho. Akusikho lokho. Kuyinto ephakathi kwa*lapha*. Lokhukubola kumele kwembathe ukungaboli; lokhu ukufa kumele kwembathe ukungafi.

Amadodana kaKishi angavuka. Ngine...zonke izinto ezilungileyo azenzayo, anginalutho olubi engingalusho ngakho; ukupha abampofu nakuso isihawu. Futhi khumbulani, yingani, uSamuweli watshela uSawulu, "Nawe uyoprofetha." Futhi amaningi alawomadoda angabashumayeli abakhulu abanamandla, bangashumayela iZwi njengezingelosi ezinkulu, kodwa noma kunjalo kwakungesiyona intando kaNkulunkulu. UNkulunkulu kwakufanele abe yiNkosi yabo. Futhi mfowethu, dadewethu, vumela uMoya oNgcwele akuhole. Ake sikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana.

Ngikhumbule kakhulu ekhaya futhi ngijahile,
futhi ngifuna ukubona uJesu,
Ngithanda ukuzwa lezozinsimbi ezimnandi
zokungamukela zikhala.
Kuyokhanyisa indlela yami futhi
kushabalalise konke ukwesaba;
Nkosi, masibuke ngale kwekhethini lesikhathi.

Nkosi, mangibuke ngale kwekhethini lezinsizi
nokwesaba;
Mangibuke kulelozwe elinelanga
elikhazimulayo.
Kuyoqinisa ukholo lwethu futhi kushabalalise
konke ukwesaba;
Nkosi, mangibuke ngale kwekhethini
lesikhathi.

Ngineqiniso, Nkosi, uma lelibandla elincane, namhlanje ekuseni, lingabuka nje ngale kwekhethini. Akukho nhlupheko phakathi kwabo, futhi soze yabakhona. Akukho kugula, akukho lutho kuphela ngukuphelela—futhi kungukuphefumula kanye nje phakathi kwalapha nalaphaya—ukusuka ekugugeni kuya ebusheni, ukusuka esikhathini kuya ePhakadeni. Ukusuka ekukhandlekeni kwakusasa nosizi lwayizolo kuze kube sesikhathini samanje sePhakade, ekupheleleni.

Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobusisa wonke umuntu lapha. Uma kukhona labo lapha, Nkosi, ongakwazi Wena ngaleyondlela yothando. . . Futhi impela, Baba, ayikho into eyayingangena kuleyoNdawo eNgcwele ngaphandle kwaleyonhlobo yothando; ukuZalwa okusha kokuphinda uzalwe. UMoya oNgcwele, uNkulunkulu, wuthando. Futhi siyazi ukuthi lokho yiqiniso. Akunandaba noma sigudluza izintaba ngokukholwa kwethu, uma senza izinto ezinkulu, noma kunjalo, ngaphandle kwalokho lapho, sasingeke neze sakwazi ukukhwela kulelolada elikhulu ngale. Kodwa nalokho, kuyosiphakamisela ngale kwaleminako yomhlaba.

Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobabusisa abantu lapha, futhi sengathi wonke umuntu ongizwile namhlanje ekuseni ngikhuluma leliQiniso, ukuthi Ube ngufakazi wami, Nkosi. NjengoSamuweli wasendulo, "Sengake ngabatshela yini noma yini eGameni laKho ngaphandle kwalokho okwakuliqiniso na?" Bangabehluleli. Futhi ngiyabatshela manje, Nkosi, ukuthi Ungithathe wangiyisa kuleloZwe. Wena uyazi ukuthi kuliqiniso. Namanje, Baba, uma kukhona abanye abangakwazi Wena, sengathi leli kungaba yihora lokuba bathi, "Nkosi, beka ngaphakathi kimi intando ukuba kube yintando yaKho." Siphe khona, Baba.

Namanje nina enikhothamise amakhanda enu, ningaphakamisa izandla zenu bese nithi, "Ngikhulekele,

Mfowethu Branham. Intando kaNkulunkulu ibe ngaphakathi kimi."

Manje, uselapho nje okhona, ngobukhulu ubumnandi, yini ungavele uthi kuBaba, "Nkulunkulu, phakathi kwenhliziyo yami, namhlanje ngilahla zonke izinto zezwe. Ngilahla konke ukuze ngithande Wena futhi ngikhonze Wena impilo yami yonke. Futhi ngizothi, kusukela namuhla kuqhubeke njalo, ngilandele Wena kuwo wonke umBhalo weBhayibheli laKho." Uma ungakaze ubhaphathizwe ngombhaphathizo wobuKristu, "Ngiyavuma, Nkosi. Uma ngingakamamukeli uMoya oNgcwele . . ." uyokwazi uma usuMamukele. Uyokunikeza, Uyokunikeza isiqiniseko nothando oludingayo. O, ungahle ukuba wenze okwahlukile—waba namadlingozi, njengokungahle ukuba umemezile noma wakhuluma ngezilimi, okungokuhle, kodwa uma loloThando lobuNkulunkulu lungekho lapho . . . ngikholwe, manje.

Thana, "Nkosi, beka ngaphakathi kwenhliziyo yami nasemphefumulweni wami ukufika kukaMoya waKho ukuze ngithande futhi ngihloniphe futhi ngibe naloloThando lobuNkulunkulu enhliziyweni yami namhlanje oluyongiyisa kulelozwe lapho ukuphefumula kwami kokugcina sekungishiya." Sisakhuleka, khuleka nawe qobo lwakho, manje. Ngendlela yakho, khuleka. Cela uNkulunkulu ukuba akwenzele lokho. Ngiyakuthanda. Ngiyakuthanda. Wena mlisa othandeka kakhulu osumpunga ohlezi lapha, osebenze kanzima wondla abantwanyana. Nina bomama abampofu enesula izinyembezi emehlweni abo. Ake nginiqinisekise ngalokhu, dade othandekayo, akusiyo leyondlela engaphesheya kokunye ukuphefumula ngale. Ngikholwa ukuthi eqinisweni kusendlini. Kungenye indawo esiphila kuyo; lokhu kungukubola nje esiphila kukho manje. "Vumela kimi, Nkosi, ukuba kube yintando yaKho." Khuleka ngenkathi sikhuleka ndawonye.

Ngokuzithoba, Nkosi, phezu kwezisekelo zeZwi laKho noMoya waKho oNgcwele, siyajabula kakhulu ukuthi siyazi ukuthi ukuZalwa kwethu kuvelaphi. Siyajabula ukuthi sazalwa, kungengantando yendoda, nantando yenyama, kodwa ngokwentando kaNkulunkulu. Futhi siyakhuleka namuhla, Baba, ukuthi laba manje abacela umusa wokuthethelelwa, ukuthi uMoya waKho uzokwenza lowomsebenzi, Nkosi. Ayikho indlela yokuba kwenziwe yimina. Ngingumuntu nje; enye indodana kaKishi. Kodwa sidinga Wena, uMoya oNgcwele. Nkulunkulu, mangibe njengoSamuweli—yena okhuluma iQiniso leZwi. Futhi ULiqinisekisile kuze kube yimanje, futhi ngiyakholwa ukuthi Uzoqhubeka inqobo nje uma ngihlala ngeqiniso kuWe.

Kwangathi bonke manje bangamukela ukuPhila okuPhakade, Baba. Sengathi lolusuku lungephinde lusuke kubo. Nehora lapho sebezoshiya khona lelizwe, sengathi

lokhu, engisanda kukusho kubo, kuvuleke kube liqiniso. Futhi njengoba sihlezi lapha singabafayo, namhlanje, sibuka ewashini lethu, sicabanga ngedina lethu, ngomsebenzi kusasa, ngeminako nokukhathazeka kwempilo, akusayikuba khona ngalesosikhathi. Kuyoshabalala konke. Akuyikubakho minako—intokozo eyodwa enkulu yePhakade. Banike lolohlobo lokuPhila, Baba—bonke. Futhi kwangathi . . . Ngicela kuwe lokhu, Baba, ukuthi wonke umuntu olapha namhlanje ekuseni ongizwile ngisho lombono, sengathi ngingahlangabezana nabo bonke ngale. Noma kungahle kubekhona owesilisa lapha ongavumelani nami, nabesifazane futhi, kodwa Baba, ungakuvumeli lokho kume endleleni yethu. Sengathi singahlangabezana nabo ngaphesheya le lapho begijima, futhi, futhi sihwaphunane simemeza, "Mfowethu othandeka kakhulu." Makube njengoba kwakhonjiswa laphaya, Nkosi, kubo bonke. Bonke engibathandile nabo bonke abangithandile. Ngikhulekela ukuba kube ngaleyondlela, Nkosi. Futhi ngibathanda bonke. Mabavele, Baba. Ngibanika ukuPhila okuPhakade manje. Sengathi bangenza isigaba sabo ukukwamukela. Lokhu ngikucela eGameni likaJesu. Ameni.

Sinemizuzu embalwa nje yokukhulekela abagulayo. Ngiyabona sinentombazanyana egulayo lapha nentombi esihlalweni. Manje, kubazalwane bami abathandeka kakhulu ngokwedlulele, odadewethu. Ngiyacela ningabi ngabangangizwisisi. A—angazi ukuthi kwenzekani. Angazi ukuthi kwenzekani. Kodwa Nkulunkulu, uma sengifa, angibuyele laphaya. Ngivumele nje ngibuyele kuleyondawo, yilapho engifuna ukubakhona, noma kwakukuphi. Angizami ukuba nguPawulu owahlwithelwa kwawesiThathu amaZulu. Angisho lokho. Ngikholwa ngukuthi Wayezama nje ukungikhuthaza, ezama ukunginika okuthize okuncane ukungiqhubela phambili, enkonzweni yami entsha ekhuphukayo.

Kungabonakala kungukungahloniphi yini uma ngifunda okuthize lapha u—umzuzu nje? Kungalunga? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Elinye lamaphephabhuku ezizwe ahamba phambili—UBilly Graham: "UDr. Billy Graham umenyelwe kwinkolo yamaSulumani." Ekhasini lokuqala le *Afrikaans Times*, Febuwari 15, 1960. Umlobi wendaba ebhaliwe, owayeyimoslem okaMohamede) ucabanga ukuthi izimangalaliso zifanele zilandele ukushunyayelwa kweVangeli likaKristu—onguye, izolo, namuhla, naphakade. Siyacaphuna:

> YiloKristu owethenjiswa, abalandeli baKhe, lapho Ethi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza; nemikhulu kuna le uyakuyenza." Ngabe ibandla selake layenza imisebenzi e . . . i—izenzeko zikaKristu eBhayibhelini; kungenzeka namhlanje? Ngabe nayiliphi lebandla elidumileyo

> lingayenza yini ngisho ingxenye yezimangaliso ezenziwa nguKristu? Kungesikho ukuthi imisebenzi emikhulu kuna. Ngabe wena ngawedwa odumileyo, ongummeli womKristu ungasukumela uku. . . uvuse abafileyo baphile ngokomzimba? Ngabe ungahamba phezu kwezilwandle? Ngabe ungabaphulukisa abagulayo ubaphe ukubona abayizimpumputhe? Ngabe lokhu akuhambisani yini nenkathi engumlando oqhamileyo obeka obala ongokaMohamede, kumbe beka. . . kumbe ukuvivinywa kwabakaKristu. . .?. . . njengamazwi andawondawo enkolelweni yakho?

Okuningi endabeni ebhaliwe yeMoslem kuyinhlanekezela esobala eyodwa emva kwenye. Bayalidumaza leliMoslem, kodwa laliqinisile. Kodwa nakhu abakushoyo:

> Impendulo ezedlula zonke ekufundeni iBhayibheli nokwazi iKoran. IKoran ivuma ukuthi i. . . livunywa ukuqhathanisa. Ukuzisho kobuMohamede kuqhamile futhi kwedlula ubuKristu, nguku z-i-k-h-u-k- h-u-m-e-z-a nje, (ukuzikhukhumeza ngiyacabanga) umcabango. Umlobi nokho uthinte iphuzu elisemqoka mayelana nezimangaliso ezingezebandla. Kodwa lapha futhi siyabungabaza ubuqotho bomlobi. Ngokuba ngubani obengakhomba futhi aphikise izimangaliso ezenziwe nguMfu. William Branham phambi kwamaMoslem eNingizimu Afrika, lapho izinkulungwane eziyishumi zikwamukela, uKristu uMsindisi. Ngaphansi kwenkonzo kaWilliam Branham eThekwini, eNingizimu Afrika nakwenye indawo ezweni lonke, kumbe ku T. L. Osborn eMpumalanga Afrika. Nebala simi ngekhulu lamaphesenti mayelana noBilly Graham. Silikhulumile iphuzu lombuzo, alina va-. . . Leliphuzu lombuzo alilutho."

Kodwa phakathi kwakho konke nokuncinyane kwakho, wangitshela—wathi sasiyizinhlanya; sasingazi ukuthi sasenzani. Badingeka bakufakaze ephepheni labo qho ukuthi uNkulunkulu wakwenza noma kanjani. UNkulunkulu usenguye nse namhlanje njengoba Wayehlale enguye. Ungahle ungacabangi ukuthi abakukholwa; abakuboni. Akufihlakele; akwenziwa ekhoneni. Amakhulu ezinkulungwane abantu behlezi lapho bakuqaphela lokho. Ngenkathi bebona lowomfana owayeyisidalwa elusizi efika lapho, noMoya oNgcwele umtshela ngempilo yakhe nezinto nokuthi kwenzekani phakathi lapho, futhi babona izinkulungwane eziyishumi zamaMoslem ezilalise emhlabathini ethe cu, futhi emukela uJesu Kristu njengoMsindisi oqondene nawo.

Sisenabo oT. L. Osborn, nokunjalo, abasazipha izimvu ukudla. Ngiqagele uMfowethu Osborn ubengakaze ehle abe phakathi kwamaMoslem kuze kube manje. Azisho ukuba

angabakhonyayo kakhulu. Kodwa sisenaye uNkulunkulu ongazephula izimvu engonyameni; ongazephula izimvu ebhereni. Futhi kwangenzela okuhle ukwazi ukuthi badingeka bakulobe futhi bakuqonde. Bacabanga ukuthi abakuqondi. Bayovele basuke bahambe futhi bafulathele bese bethi, "O, lezozinsuku zedlule." AmaMoslem athi, "A, bona, kusho ukuthi-ke lonke iBhayibheli seledlule. Nonke nisephutheni. Nikhonza uMuntu. UMuntu owafayo, futhi iGama laKhe kwakunguJesu, futhi Wafa kudala eminyakeni eyedlula, futhi ayikho into okuthiwa nguYe evukile." Kodwa kababakwazanga ukusho lokho emhlanganweni waseThekwini.

Wama lapho enza into efanayo Ayenzayo futhi wafakazisa kuwo. Manje, ngisho na—namahlelo limele libuye. . . Yena lowomuntu owaloba futhi wangitshela ukuthi ngangifanele ngikucubungulisise ukufundisa kwami phezu kweBhayibheli kwaba nguye okwadingeka alobe lokho emaphepheni abo. UNkulunkulu uyobenza baMdumise noma yikanjani kungakhathaleki ukuthini. Kunjalo. Uyobenza baMdumise noma yikanjani.

Kunentombazanyana egulayo ehlezi lapha. Lowo ngumntanakho? Yini inkathazo yakhe, dadewethu? Nkosikazi? [Udadewethu uthi, "Umopho wobuchopho."—Umhl.] Umopho wobuchopho. [UMfowethu Branham uxoxa nonina womntwana olusizi—Umhl.] Yinye kuphela into, Mama, kungahle-ke. . . zosindisa intombazane. Futhi lowo nguNkulunkulu. Uyakwazi lokho. [Udadewethu uthi, "Ibisingcono kakhulu kunanoma yayinjalo."—Umhl.] Ngijabula kakhulu ngalokho. Ngabe ubusezansi wayikhulekela, Mfowethu Neville? [UMfowethu Neville uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Selokhu uMfowethu Neville ehlile wayikhulekela isibengcono. Sisenabo abelusi bezimvu abakwaziyo ukudla kwezimvu.

Yini inkathazo yakho, dadewethu othandekayo, ohlezi esihlalweni laphaya? Eyakho? Umdlavuza. Yebo, uma nje ngikubuza okuthize, mhlawumbe khona lapha. Bangaki phakathi lapha osephulukisiwe ngo. . . kumdlavuza, phakamisa isandla sakho. Buka lapha, dadewethu. [Udadewethu usho okuthize—Umhl.]

UNkulunkulu unguMphulukisi. Siyakwazi lokho. Uma ngikutshele ukuthi bengingaya ezansi lapho bese ngiwususa lowomopho entombazaneni futhi ngiyiphilise, bengiyobe ngikutshela iphutha. Kumbe bengisuse lowomdlavuza kowesifazane. Kodwa ngazi into eyodwa: kwakukhona ibhere, umdlavuza, isigaxa, ukuphumputheka, futhi ngisho nokufa kwahwaphuna ezinye zezimvu zikaNkulunkulu ngelinye ilanga. Futhi ngaphuma namandla kaNkulunkulu, futhi ngalibulala ngase ngibuyisa leyomvu. Kunjalo. Siyaphuma namhlanje, hhayi nanoma yini into enkulu ethize ewukuthi-nokuthi. Ngiphuma nendwayimane engagqamile encane yomkhuleko.

Izoyibuyisa. Uyakukholwa lokho, awukukholwa, dadewethu? Uyakholwa, futhi, awukholwa, dadewethu? Bangaki kini okholwa ngenhliziyo yakho manje? Manje, khothamisani amakhanda enu ngenkathi ngisahamba ngiyokhuleka.

[UMfowethu Branham usuka emsamo ukuba ayokhulekela abagulayo—Umhl.]

Ungaliphakamisa ikhanda lakho umzuzu nje. Umfundisi usanda kungitshela lababantu bagula, ngempela ngempela. Bazophila. Nje ninga . . . Kukahle. Isethembiso sikaNkulunkulu asehluleki neze. Siyabalandela.

Banenkonzo yombhaphathizo. Kukhona abanye abantu okufanele bahambe. Sizoba nenkonzo futhi kulobubusuku. Ngabe ukhona lapha obengenakwazi ukufika namuhla ebusuku obungafuna sikwenzele umkhuleko manje?—ongakwazi ukubakhona kulobubusuku. Ungeza-ke khona lapha? Wena ongekwazi ukufika kulobubusuku—ngizoba nesikhathi esiningi kakhulu somugqa wabakhulekelwayo kulobubusuku. Bazofanele bababhaphathize lababantu. [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye—Umhl.] Unomfanyana lapho . . . Yebo, mfowethu, ngiyabonga kakhulu. Kulungile uma ngikufunda emva kwesikhashana, noma khona manje? Ngiyabonga, mnumzane.

Manje, uma nje nizosinika nje umzuzu kumbe ethe ukuba mide ngemibili, si . . . khona-ke sizobe sesiba ne—nenkonzo yo—yombhaphathizo. Ngiyazi nizofuna ukuwubona. Futhi labo abafisa umbhaphathizo namhlanje ekuseni, kuhle nina—amanenekazi ahambe ngapha ukuba ashintshe izingubo zawo, futhi abesilisa bahambe ngapha ngakulelicala. Bese-ke, ngenkathi ngisakhulekela lababantu abagulayo, khona-ke ningabe nenza amalungiselelo enkonzo yombhaphathizo. Nalabo manje aba . . .

Manje, namhlanje ebusuku, ngizozama ukubamba u—umugqa omncane wabakhulekelwayo kulobubusuku, masinya nje, ngingangena nje. Futhi sizoqala kwe 1, iNcwadi yabase Efesu kulobubusuku. Futhi sizojabula kakhulu manje, ukuba sibenawe ungene. Uma ungenalo ibandla ongaya kulo. Kodwa uma unomfundisi ongowakho nebandla khona-ke u—ulihambele ibandla lakho elithandeka kakhulu lapho owesekela khona. Uma wena, ozohamba, futhi nizosuka ngalesisikhathi, uNkulunkulu anibusise. Nibe nathi futhi uma ningaphumelela. Siyojabula ukuba nani. [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye—Umhl.] Manje, nina abanye usakhothamisa ikhanda lakho umzuzu; sifuna ukukhuleka.

Baba, ngibonga Wena namhlanje ngendwayimane yezimvu encane, umkhuleko oguqise ingonyama ngamadolo ayo, newundlu elincane lahlwithwa kuyo lathathwa labuyiselwa kunina noyise. Ngikhulekela umfowethu. Ngicela ukuba

Umngenise ngokuphepha futhi, Nkosi. Sengathi umfutho wegazi nezinkathazo zomzimba wakhe kunganqamuka. Ngiyamlandela, Nkosi, mbuyise. EGameni likaJesu Kristu; ngakho makube njalo. Ameni. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

Ngokwehlela ezansi, ngikubona ubambe omncane, umfana oyimpumputhe. Okunye futhi okukodwa engithanda ukukusho. Ngangigula kakhulu. . . Ngangihlanza. Futhi ngacabanga. . . Angifuni nikugeje lokhu uma ningakwenza. Ngacabanga, "Nkulunkulu, benginganikeza ini uma bengingahle ngizwe umuntu ema ngaphandle."

Umkami athi, "Billy, kukhona umnumzane omdala lapha uzokubona." Futhi nakhu kungena umfo omncane onempandla, nobuhwanqa obumpunga bulenga buzungeze ebusweni bakhe.

Angene bese ethi, "UnguMfowethu Branham?"

Ngithi, "Yebo, mnumzane, nginguye."

"Igama lami nginguSimoni." Abeke isandla sakhe ngapha phezu kwami bese engibuka umzuzu. Athi, "Ulikholwa, Mfowethu Branham."

"Yebo."

"Kuzolunga."—uSimoni Petru waseBhayibhelini. Ngingakuthokozela kakhulu lokho! Ubengeke asho okuningi—kuphela ukubeka isandla sakhe phezu kwami. Bekuzolunga.

Kwathi-ke okufika kimi: Ngosizo lukaNkulunkulu nangomusa kaNkulunkulu, kukhona amashumi ezinkulungwane zabantu abebezokholwa yinto efanayo uma ngifika kubo. Futhi ngacabanga, "Nkosi, mangifinyelele kuwo wonke engingafinyelela kuye, ke. Mangithi nje—nje. . . " Ngacabanga uma uSimoni ebengavele. . . UPawulu—abanye babo bangene nje, bathi, "UnguMfowethu Branham?"

"Yebo."

Babeke izandla zabo ngapha phezu kwami bangibuke bese bethi, "Kulungile, Mfowethu Branham"—bavele baphume bahambe. Ngingasinda. Ngingaphila. Impela. Ngathi, "Mfana, isibindi sami besingaqubuka ngaso lesosikhathi. Bengingathi, 'Ngizophila.'" Yebo, mnumzane. Futhi kukhona abantu abakholwa yinto efanayo namhlanje. Futhi yilokho engehlela ukuzokwenza lapha: ngibeka izandla phezu kwenu, ngicele uNkulunkulu. [UMfowethu Branham uqhubeka nokukhulekela abagulayo—Umhl.]

